


# UKUTHONYA

 Baba wethu waseZulwini, sibonga ngempela kulentambama ngalokhu, enye inhlankhla yokuma epulpiti, ukumemezela ingcebo kaJesu Kristu engaphenyekiyo, ezweni elifayo elingenaNkulunkulu, elingenaKristu, elingenathemba, futhi kungekho-themba lokuhamba noJesu uma Efika. Futhi siyazama, Nkosi, ukwethula uJesu Kristu ezizweni. Futhi sisabuthene lapha kulentambama, kwangathi uMoya oNgcwele ungakhuluma futhi ufudumeze izinhliziyu zethu, futhi usikhuthaze eNdleleni, kwangathi abagulayo bangaphiliswa nezoni zisindiswe, nalabo abatheneke amandla bakhuthazwe. Futhi kwangathi uNkulunkulu angemukela yonke inkazimulo nodumo, futhi kwangathi kunganikezwa eGameni laKhe, ngokuba lokho yinhloso yethu. Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

Hlalani phansi.

<sup>2</sup> Ngiyajabula kulentambama ukuba ngime lapha futhi, naseBeaumont. Futhi ngokwejwayelekile ngikhathele. Kade ngihamba selokhu kwasukela ngoKhisimuzi, ngqo. Akusikho ukushumayela kakhulu kangako engikwenzayo, okungenza ngikhathale. Yimibono engenza ngikhathale. INkosi yethu, owodwa waYibangela ukuba iphenduke, futhi yathi amandla aYo ayesukile kuYo. Umbono owodwa phezu komprofethi, uDanyeli, wathi wakhathazeka ekhanda lakhe izinsuku eziningi. Futhi ngakho si—singezichaze lezozinto. Siyazi nje ukuthi zinjalo, futhi akekho owazi noma yikuphi okungcono kunalabo okwenzeka kubo. Futhi ngakho siyajabula, nokho. Engizama ukukwenza ngukusebenzisa isiphiwo sokuprofetha somsebenzi wokuvangela, futhi nje akusebenzi ngaleyondlela, impela. Kul'khuni kakhulu.

<sup>3</sup> Ngakho, kodwa ngifuna ukusho lokhu, uma sengifika ekupheleni komgwaqo, futhi uma lomuzi lapha uphakama, futhi uma i... Iesisizukulwane ngezinsuku zokugcina, a—angifuni-gazi lamuntu phezu kwami. Ngifuna ukukhululeka kulo lonke igazi. Futhi ngizame ngawo onke amandla ami uku—ukukwethula ngendlela yoMbhalo, lenkonzo iNkosi engiphe yona, ngandlela zonke engazi ngazo ukuthi kanjani. Futhi ngiyazi uMoya oNgcwele, ngomusa waKhe, ungivumela ngiphile kanjalo, ukuthi angicabangi ukuthi kube namamaki.

<sup>4</sup> Ngiyabonga kuMfowethu Peary Green nakulababazalwane lapha ababeke phambili imizamo yabo ukwenza lomhlangano ube yimpumelelo. Uma ekhona olahlekile, kulelidolobha, kulesisizukulwane, ngempela ngeke kube phezu kwalabo bafo, ngoba baphendule onke amatshe ukuba bazame

ukuwenza ube yi—yimpumelelo. Bondla abantu, be batholela izindawo zokulala, na—nakwithelevishini, ndawo zonke, be khipha nje imali emaphaketheni abo futhi bekubeka bakukhiphe ngqo, ukuze . . . Bebazi ukuthi i—i—izixuku esinazo zingekwazi ukweseka okunjengalokho, futhi ngakho bayikhipha emaphaketheni abo uqobo, ukuba bawenze.

<sup>5</sup> Ngakho ngicabanga ukuthi lokho kuyamangalisa, njengomuntu-mumbe enombono onjalo. Ngikholwa ukuthi kwashiwo ngale kumaHeberu, isahluko 11, “Izwe elingabafanele.” Nokuveza izintamo zabo, ngesikhathi lapho i—inkonzo ingadumile kakhulu phakathi kwabaningi kakhulu babantu abafanele bayikholwe. Labo aba . . .

<sup>6</sup> Bekukhulunywa ngakho, kodwa, uma kwenzeka into ethize, khona-ke bayehluleka ukuyibona. Kodwa kuzofanele kube ngaleyondlela nje. U—ufanele nje uqondise amahlombe akho bese uhamba uye phambili, ukwazi lokho. Khumbula, phambi kwakho, kwakuyinto efanayo. Bamasha behla ngqo ngomgwaqo ngendlela efanayo. Abantu akaze balazi ihora labo lokuhanjelwa. Akukho namunye wabaprofethi owake waziwa.

<sup>7</sup> UJesu wathi, “Nabafaka emathuneni. Nihlobisa amathuna abo manje. Yinina enabafaka lapho. Nguyena muphi uNkulunkulu amthumela eningamzingelanga futhi nambulala na?”

<sup>8</sup> Asikuthathe kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke kuphume. Kwehle ngoMartin Luther, futhi kwehle njalo, awu, uIrenaeus, noMartin oNgcwele. Nakho konke kwehle ngeminyaka bekungendlela efanayo, ngisho nakuJona . . . uJoan of Arc, umprofethikazi weNkosi.

<sup>9</sup> Nani bantu beKatolika. Ngenkathi lowo wesifazane ebona imibono, kanjalonjalo, futhi abatshela, yayenzeka njengoba ayeshilo nje. Nenzani na? Namshisela esigxotsheni, ngokuba ngumthakathikazi. Cishe eminyakeni engamakhulu amabili kamuva, navuka nase nithola enanikwenzile. Isizathu, benze ukuzihlawulisa, bamba imizimba yalabobapristi ababemshisile, base beyiphosa emfuleni. Lokho ngukuzisola ukukwenza. Behluleka.

<sup>10</sup> Bathi uPatrick oNgcwele wayeyiRoma eliKatolika. Noma ubani owazi umlando uyazi ukuthi lokho kuyiphutha. Ngokoqobo yena, ngokugcizelela, waphikisana nophapha. Wayengayi neze ukuyohlala . . . Wa—wayengakukholwa nhlobo. Igama lakhe wayenguSucat; kwakungesuye uPatrick oNgcwele. Kodwa emva kokuba esefile futhi engasekho, futhi nabulala izinkulungwane zabantwana bakhe. Izikole zakhe, wayengasivumeli isiphambano esinesifanekiso sikakristu noma lutho ukuba kube sezikoleni zakhe, futhi usalokhu emile, enhla eNyakatho Ireland namhlanje, into efanayo. Wa—wayengakuvumeli lokho kungene ezikoleni zakhe. Wathi,

“Abantu bayobuka imifanekiso, esikhundleni salokho afuna bakubone.” Wayenamandla kaMoya oNgcwele. Wayekhuluma ngezilimi. Wayenezimangaliso ezinkulu nezibonakaliso. Ibandla alikushumayeli ngani lokho namhlanje na? Niyabo?

<sup>11</sup> Futhi bonke labobantu, ababazi neze baze bamuke, bedlule, bese-ke sizama ukwakha amathuna abo. Kungokweqiniso ukuthi siphila e. . .

<sup>12</sup> Ibandla njalo liphila ekubenyazeleni okuxhophayo kokukhanya koluny’usuku. Futhi, manje-ke, ukubenyazela kungukukhanya kwamanga. Yini ukubenyazela na? Kufana notalagu emgwaqeni. Ilanga likhanya phansi bese lenza utalagu. Lubukeka njengamanzi, kodwa, lona, soze wafinyelela kulo; awekho lapho. Yileyondlela abantu enza ngayo namhlanje. Ethembisa into ethize ezoba kude le, noma into esemuva le, noma phezulu lapha, kodwa awafinyeleli neze kuyo.

<sup>13</sup> Ngibonga kakhulu ukuthi uNkulunkulu wethu akasuye uNkulunkulu onjengalokho. “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Sifinyelela kukho uma sikukholwa. Kukhona lapho, yonke into ethenjiselwe unyaka. Kwenza kube l’khuni, kodwa nokho njengoba sifanele sihambe siqhubeke ngqo ngokufanayo nje, sikhola.

<sup>14</sup> Futhi impela ngiyanihokozela konke kulubambiswano oluhle ngiselapha edolobheni.

<sup>15</sup> Ngangilapha eminyakeni eminingi eyedlula nomngane wami omdala, uMfowethu Bosworth, noRaymond Richey, nabaningi babazalwane beza ngapha. Ngisakhola yiVangeli elifanayo. Angikashintshi nakancane; kuseyinto efanayo nje. Kodwa, niyabo, imvuselelo yayiqhubeka ngaleyonkathi. Futhi lapho okungekho mvuselelo khona, ngeke nje wathola izinto ukuba zenziwe.

<sup>16</sup> Inkonzo isiqhubekele phambili kakhulu. Yayinitshela kuphela, ngaleyonkathi, ukuthi lokhu kuyofika. Bangaki okukhumbulayo lokho na? Impela, niyakukhumbula. Futhi kufika nje impela njengoba kwathi kuyofika.

<sup>17</sup> Manje-ke ngangithatha abantu bese ngibeka izandla zami phezu kwabo; nganitshela Angitshela khona, futhi lokho nje kungendlela okwenzeka ngayo. Kuyikho impela nje. Akukaze kwehluleke ukuba kube yiqiniso, ngaso sonke isikhathi, ngakho kufanele kuvele kuNkulunkulu. Akekho owayengakungabaza lokho. Kodwa, niyabo, imvuselelo ayiqhubeki.

<sup>18</sup> Ubukhona bakho nje, ukuba uhambe ungene nabantu, ngani, abantu babephuma emibhedeni eyizinhlaka nezinhlaka, futhi bahambahambe. Ubeke nje izandla zakho phezu kwabo, futhi, he, lokho nje kwabathumela ukuvunguza. Ngibone imigqa lapho kuba nabantu abangamakhulu amane namahlanu beza ngemigqa, izithulu, izimungulu, izimpumputhe, izingxemu,

futhi kungabikho namunye wabo ohlulekayo kodwa baphiliswa, bonke.

<sup>19</sup> Kuzame namhlanje? Niyabo, akukho-mlilo. ERoma, ngenkathi i—imililo icisha ethempelini eVista, abantu baya ekhaya. Niyabo? Manje akukho mlilo wemvuselelo ukuyeseka, niyabo, kungukuthi, yilokho nje.

<sup>20</sup> Emva kwesikhashana, uma izwe lisalokhu limile, bayoqala ukuphila ekubenezeleni futhi. Niyabo? Futhi yileyo ndlela obekwenziwa ngayo njalo, kwedlula ngaphezulu futhi kwabageja; nalesosizukulwane sizokwehlulelwa ngalokho okwedlule phezu kwaso, bayehluleka ukukubona.

<sup>21</sup> UJesu Kristu uyaphila kulentambama. Uyahambahamba lapha nathi manje. Ukhona njalonjalo. “Nomaphi lapho kukhona ababili noma abathathu behlangene ngeGama laMi, Ngiphakathi kwabo.” Kukholweni lokho, anizukukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>22</sup> Ngiyethemba, uma iNkosi ilibala, ngifanele ngibuye futhi ngibe nani ngesinye isikhathi, futhi. Uma ngingaphindi neze nginibone; uma sengihlangana nani lapho esiHlalweni sokwaHlulela sikaKristu, lapho esiyohlangana khona sonke, khumbulani, nginitselele iQiniso. Ngisayolokhu ngisho lokho uma sengihlangana nani Lapho. Kuze kube yileyonkathi, kwangathi iNkosi inganibusisa, ngokucebile.

<sup>23</sup> Ngikhulekeleni. Ngiyayidinga imikhuleko yenu. Angisemusha njengoba nganginjalo ngaleyonkathi. Lokho sekuthi akube yishumi nambili, iminyaka eyishumi nane edlule.

<sup>24</sup> Nomunye wangibuza ngoluny’usuku, wathi, “Uneminyaka emingaki, Mfowethu Branham na?”

<sup>25</sup> Ngathi, “Ngisanda nje kwedlula emashumini amabili-nanhlanu.” Ngathi, “Eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu eyadlula nga—ngayedlula.” Futhi ngi . . . ani . . . Ni—ningakusho. Umuntu kuphela . . .

<sup>26</sup> Uma uzalwa, uqala ukukhula, njengekhandlela, noma livuthiswa. Uyokhelwa, kodwa uyakhula uze ube cishe namashumi amabili-nambili kuya emashumini amabili-nantathu. Angikhathali ukuthi uzinakekela kahle kanjani, uqala ukufa khona lapho, futhi ulokhu wehla wehla lize lise liphele.

<sup>27</sup> Ngabuza, kwiKiwanis ngoluny’usuku ngenkathi ngikhuluma, ngathi, “Ngifuna umuntu . . .”

<sup>28</sup> Udokotela wangitshela, wathi, “Ngeke ngayikholwa indaba kaKristu, ngoba ngeke ngakholelwa ekuzaleni kwentombi.” Wathi, “Angikholwa ukuthi ikhona into enjengaleyo.”

<sup>29</sup> Ngathi, “Ukuzala ngokwemvelo kuyimfihlakalo kakhulu kimi kunokuzala kwentombi.”

<sup>30</sup> Ukuzala ngokwemvelo, ukubona ukuthi kwenzeka kanjani, nokuthi kunqunywa kanjani, uma lokho sekube yimpova, okuyiqanda, ngenkathi kukhona izinkulungwane zezimbewana nezinkulungwane zamaqanda. Akusikho okubili kokuqala okuhlanganayo, okukuxazululayo, kodwa mhlawumbe. . . Wena uthi, “Awu, uma okubili okungaphambili.” O, qhabo. Niyabo, kuyoma. Okukodwa mhlawumbe kungavuka, imbewana evela emuva impela kwesidoda, ngapha, nephakathi nendawo leqanda liyanquma ukuthi ngabe kuzoba yintombazane noma umfana, onekhanda elimnyama, onekhanda elibomvu, amehlo al’hlaza s’bhakabhaka, kumbe noma ngabe kuzoba yini. Into ethize yenza lesosinqumo. Konke okunye kwakho kuyayekwa.

<sup>31</sup> Kuyimfihlakalo kakhulu ukubona umsebenzi kaNkulunkulu, bese kuthi-ke ukubona abantu nomqondo omncane onokuphela, njengoba sinjalo, sizame ukuphika imisebenzi yaKhe emikhulu!

<sup>32</sup> Lomfo wathi kimi, awu, waye “ngekholve noma yini engeke yafakazelwa ngokwesayense.”

Ngathi, “Uyakholwa ukuthi unomphefumulo na?”

Wathi, “Impela.”

<sup>33</sup> Ngathi, “Manje-ke ngokwesayense fakazisa kimi ukuthi unawo.” Ngathi, “U—uyakholwa ukuthi ikhona into okuthiwa wuthando na?”

Wathi, “Impela.”

Ngathi, “Uyamthanda umkakho na?”

“Ya.”

<sup>34</sup> Ngathi, “Manje-ke ngikhombise, ngokwesayense, ngokuthi yiyiphi inxenye yakho eluthando. Ngifuna ukuluthenga. Ngizoya ekhemisi, nomaphi lapho beluthengisa khona. Ngidinga yonke inqwaba yalo. Ngithanda ukuthenga uthando.” Niyabo? I. . .

<sup>35</sup> Zonke zizonke izikhali zikaNkulunkulu zingaphezu kwemvelo. Uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ububele, ubumnene, ukukhuthazela, noMoya oNgcwele. Niyabo? Zonke izikhali zekholwa zibuka kokungaBonwayo, likholwa kokushiwoyo. Niyabo? Awukuboni okukholwayo. Uyabo? Awukuboni. Awukuboni, empeleni. Uyakubuka, ngamehlo akho; ubona ngenhliziyo yakho. Uyabo? Ubuka noma yini, uthi, “Angiyiboni nje,” uqonde ukuthi awukuqondi. Uyabo?

<sup>36</sup> Ngakho ngambuza lokhu, ngathi, “Ukuba benginojeke wamanzi, ngase ngibeka ingilazi lapha. Futhi ngithulula amanzi kulojeke, ngiwafaka engilazini, bese igwala uhhafu; bese-ke ngiqhubeka nje nokuthulula amanzi, bese-ke eqala ukwehla. Ngokwesayense ngitshele ukuthi amanzi ayaphi.” Uyabo?

<sup>37</sup> Ngathi, “Ngisengumfanyana, iminyaka eyishumi nesithupha ubudala, ngidla ukudla okufanayo nengikudla khona manje,

ubhontshisi, isinkwa, amazambane, inyama.” Ngathi, “Njalo uma ngidla, kwenzani na? Kwakha izinhlayiya zegazi. Ngiya ngokuba mkhulu nokuba namandla kakhulu, ngaso sonke isikhathi, futhi ngenkathi sengithi angibe namashumi amabili-nambili. Ngidla kakhulu nakangcono manje kunoma ngenza ngaleyonkathi, ngoba ngangingenakho ngaleyonkathi ukuba ngikudle. Kodwa ngidla kakhulu nakangcono kunoma ngangenza, manje sengiyaguga kakhulu futhi ngiba buthakathaka kakhulu. Futhi, nokho, lokho kudla kwakha izinhlayiya zegazi. Ngenezela ukuphila okusha ngaso sonke isikhathi, futhi ngehla ngaso sonke isikhathi.” Wusuku olumiselwe. Sizolugcina, lolo lunoNkulunkulu. Kunjalo. Siya kulo.

<sup>38</sup> Ungeke wamfakazisa ngokwesayense uNkulunkulu. Mkholwe nje uNkulunkulu, futhi Mkholwe ngokweZwi laKhe.

<sup>39</sup> Manje, kulentambama, ngifuna ukunibonga ngamunye nonke. Udadewethu omncane lapho omuhle o—opiyaneni, lona ngapha. Nani nonke bantu, befundisi, nonke, iNkosi inibusise.

<sup>40</sup> Ubusuku abuzukuba mnyama kakhulu kakhulu, imvula ayizukuna kakhulu kakhulu, kodwa lokho enginganisiza ngakho uma ngingakwenza. Ngangivame ukuba ngithi ngingeza kini, kodwa sekunabaningi kakhulu manje. Kungukuthi, kade ngisemhlabeni wonke, niyabo, futhi kundawo zonke. Kodwa nje ngishayeleni ucingo, noma ningibhalele incwadi; ngizonithumelela indwangu yomkhuleko, noma yini engingayenza, yonke into imahhala uqobo. Akukho-mali kulokhu. Niyabo? I. . .

<sup>41</sup> Ngigcine imihlangano yami njengalona ukuze ngikwazi ukuza lapho bengenamali. Ngabamba umhlangano, lapha kungekudala, e—etabernakele elalihlalisa abantu abangamashumi amabili kuphela, imihlangano yobusuku obubili. Kwakukubi kakhulu, kuphansi cishe ishumi ngaphansi kwezingu-qhwa, kodwa iNkosi yangithumela lapho nezinto ezinkulu zenzeka.

<sup>42</sup> Angina—anginazinhlelo ezinkulu, umsakazo, ithelevishini, zonke lezi ezinye izinto. Abanye abafowethu banakho lokho. Mhlawumbe banobuhlakani, indoda eyisihlakaniphi. Bayazi ukuthi kwenziwa njani, neNkosi iyakupha. Njengo, Oral Roberts, nendoda enjengaleyo adingeka abe nezinkulungwane zamadola ngosuku, ayikho enye indlela angasebenza ngayo; nalokho kungokwesizathu esihle. Naleso akusiso esami.

<sup>43</sup> Bengifuna olwami luhlale luluncane futhi luthobekile, noma lapho engingaya khona, nanoma yikuphi lapho iNkosi ingibizela khona. Anginalutho-ke olungibambayo. Ngivele nje ngisuke bese ngiya noma kukuphi. Leyo yinkonzo yami.

<sup>44</sup> Ngikhulekeleni, ukuthi iNkosi izongisiza ngigcine ukuKholwa, futhi ngingabheki emuva; ngibheke phambili

lapho engiya khona. Ngingabheki lapho ebengikhona; ngibheke lapho engiya khona. “Ngikhohlwa yilezozinto ezedlulile, sijonga emgomeni wokubizwa okukhulu kuKristu.”

<sup>45</sup> Ngifuna ukufunda okunye eBhayibhelini likaNkulunkulu, namhlanje. Ngikhethe nje indikimba encane, ngoba nginitshelile ukuthi bengizokwehlela futhi ngikhulekele abagulayo kulentambama. Bonke labo abaphethe amakhadi omkhuleko, nalabo abafuna ukukhulekelwa, bazokhulekelwa. Sizokwenza lokho. Futhi ngiyozama njalo ukugcina isithembiso sami.

<sup>46</sup> Manje, omunye umuntu, uma usho lokho, uthi, “Awu, wethembisa ukuba sendaweni ethize.”

<sup>47</sup> Bengingengabaze kodwa ukuthi kukhona cishe izindawo ezine noma ezinhlanu eUnited States khona lapha, ngifanele ngibe khona namhlanje, lapho umuntu othize wathi ngiyoba lapho. Angizange ngithi ngiyoba lapho. Kodwa bayakusho, niyabo, bakufaka ephapheni. Futhi bashayela ekhaya, ngaso sonke isikhathi, “Awu, yin’indaba na?” Bathi kunkosikazi, noma omunye wombutho weofisi, “Awu, ubefanele abe lapha. Bamfake ezazisweni lapha. Awu, isaziso sisephapheni.” Ngangingazi ngisho lutho ngakho. Akukho engingakwenza ngalokho. Ngibophezeleke kuphela ngalokho engikushoyo, qobo lwami.

<sup>48</sup> Ngakho manje, kulentambama, ngifuna thina sonke, futhi, uma sithanda, simele ukufundwa kweZwi.

<sup>49</sup> Futhi sizozama ukuba siphume phakathi cishe kwelinye futhi ihora elilodwa, iNkosi ithanda, ukuze nibe freshi ukuba niye esontweni kulobubusuku. Nesizathu sinalemihlangano ngeSonto ntambama, ukuze singezukurobha noma ubani emabandleni enu. Abantu ofuna ukukhulekelwa lapha, abagulayo nabahluphekile, awu, njalo sithola ukubakhulekela, khona-ke akuphazamisi inkonzo yenu.

<sup>50</sup> Akunandaba, kunezikhathi eziningi kunendoda enginga dis- . . . ngiyaphikisana nayo, nawo ayaphikisana nami. Kodwa uma kungeke kwaba phezu kokubekezela, futhi phezu kwemicabango yenhlanganyelo engcono nezinto, khona-ke ngi- ngingeke ngasho lutho ngakho. Uma ngingaphikisana nendoda, njalonjalo kakhulu kangako, uma ngingeyigaxe futhi, ngokuvela enhliziyweni yami, ngazi ukuthi ingumfowethu, khona-ke angifanele ukukhuluma kuyo. Kunjalo. Sifanele sikwenze lokho.

<sup>51</sup> Manje nina ofuna ukuphenya emaBhayibhelini enu, phenyani kuSaya, isahluko 6. Ngifuna ukufunda kusukela lapho kulentambama, okwenkonzo yokuvala, ngithathe indikimba.

*Ngomnyaka wokufa . . . u-Uziya ngabona iNkosi ihlezi esihlalweni sayo sobukhosi, esiphezulu nesiphakemeyo, umphetho wengubo yayo ugqwalisa ithempeli.*

*Ngaphezu kwayo kwakumi amaserafi: yilelo . . . lalinamaphiko ayisithupha; ngamabili lamboza ubuso*

*balo, nangamabili lamboza izinyawo zalo, nangamabili landiza.*

*Elinye lamemeza elinye, lathi, Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu wamabandla: wonke umhlaba ugcwele inkazimulo yakhe.*

*Izinsika zomnyango zathuthumela ngezwi lomemezayo, indlu yagcwala umusi.*

*Ngase ngithi, Maye kimi! ngokuba ngiphelile; lokhu ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi phakathi kwabantu abazindebe zabo zingcolile: ngokuba amehlo ami abonile iNkosi, iNkosi yamabandla.*

*Kepha landizela kimi elinye lamaserafi, liphethe ilahle elivuthayo esandleni salo, elalilithathe ngodlawu ealtare:*

*Lathinta umlomo wami, lathi, Bheka, lokhu kuthinte izindebe zakho; ububi bakho sebususiwe, nesono sakho sihlanguliwe.*

*Ngabuye ngezwa izwi leNkosi, lithi, Ngiyakuthuma bani, ubani oyakusiyela na? Ngase ngithi, Nangu mina; ngithume mina.*

<sup>52</sup> Asikhothamise amakhanda ethu.

<sup>53</sup> Nkosi enoMusa kakhulu, thatha lamazwi, futhi kwangathi ukuzindla kwenhliziyo yethu manje kungemukeleka kuWe. Kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu ungahamba ungene ezindebeni zesikhulumi nezindlebe zozwayo, ukuthi kanyekanye kungaletha udumo eGameni laKho, ngeZwi laKho, ngokuba sikucelela inkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

Ningahlala phansi.

<sup>54</sup> Ngizobhekisisa manje, ini, ukuze sibe nenqwaba yesikhathi senkonzo yomkhuleko. Manje lalelisani njengoba ngizama, ngalemiBhalo embalwa namanothi engiwabhale phansi lapha, ukukukhuluma. Ngeziny'izikhathi, angikhathele futhi ngikhandlekile, angilokothi (kuphi) ngibhale phansi umBhalo, ngazi ukuthi ngingawukhumbula. Kodwa kamuva bese kunjalo sengivele nje ngezinye izikhathi ngi for-...angisakwazi ukucabanga ngakho. Ngakho ngivele nje ngikuqobele phansi lapha, i—into ethize encane njengomBhalo othize, ngiyazi ukuthi lokho kuchaza uk'thini, futhi ngivele nje ngihambe kusukela lapho kuqhubeke.

<sup>55</sup> Ngifuna ukukhuluma ngendaba ethi: *Ukuthonya*.

<sup>56</sup> Manje, niyazi, ukhona umuntu omthonyayo. Impilo yakho iyincwadi ebhaliwe efundwa ngumuntu wonke. Ngakho-ke, uma impilo yakho ingahambisani nobufakazi bakho, noma ubufakazi bakho buhambisane nempilo yakho, njalo, khona-ke



kune. . . ubeka isikhubekiso endleleni yomuny'umuntu, ngokuba omunye umuntu uyakubhekisisa. Omunye umntwana omncane ubhekisisa umama wakhe, ebhekisisa ubabayi wakhe.

<sup>57</sup> Lapha eminyakeni ethize eyedlula, ngafunda indatshana, kuyela kuKhisimuzi, eyayi. . . impela yayifudumeza inhliziyoyami, yayilusizi. Ngenkathi u—u—umfo wayekade ephumile, futhi wayeyindoda elungileyo, wayenga—wayengaphuzi, ngempela. Kodwa wa—wayekade ephumile, kuyela kuKhisimuzi, futhi evakashela ozakwabo, futhi bonke bathi kuye, bathi, “John, awushaye kancane, uphuze kancane nje,” futhi engena izindlu ngezindlu wa—waphuza kakhulu. Futhi wayesedingeka abuyele ekhaya. Futhi enqamula epaki, umfanyana wakhe wayenaye, futhi wa—walahlekelwa ngumfanyana wakhe. Wayesejika wayesebheka, nomfanyana wayeya ngapha nangapha nje. Nobabayi walinda umfanyana waze wafika kuye.

<sup>58</sup> Wathi, “Kungani uhamba yonke indawo epaki, ndodana na? Yini ekwenza uhambe kanjalo na?”

<sup>59</sup> Wathi, “Babayi, ngizama ukuhamba ezinyathelweni zakho.” Futhi lokho kunjalo. Niyabo? Omncane. . .

<sup>60</sup> Indoda yase imqukula umfanyana, yase ihlala phansi, yamgona ngezingalo zayo umfo omncane. Yathi, “Nkulunkulu, Ungithethelele. Ngifuna ukuhamba ngiqonde, ukuze indodana yami emva kwami izohamba iqonde.”

<sup>61</sup> Futhi yilokho esifuna ukukwenza, njengamaKristu. Sifuna ukuhamba njengamaKristu, siphile njengamaKristu, sikhulume njengamaKristu.

<sup>62</sup> Eminyakeni eminingi eyadlula, ngenkathi babevame ukuba nobugqila eNingizimu, bona ezansi eKentucky naseAlabama, nasezansi lapho engivela khona. Babevame ukuthatha ikhaladi futhi bawashaye indali, e—eblokweni yendali, njengoba nje ubungaba nezimoto esezike zasetshenziswa noma okuthize. Ngikholwa ukuthi akukho-muntu ofanele ukuba yisigqila. “UNkulunkulu wenza umuntu, nomuntu wenza izigqila.” Futhi babevame ukufika futhi bazithenge, njengoba nje ubungathenga imoto esike yasetshenziswa, uthole uhlelo lwendali, kanjalonjalo. Leyo kwakuyinto esabekayo.

<sup>63</sup> Ngakho bona, ngoluny'usuku, kwakukhona umthengi ofikayo ukuzo. . . othenga athengisele abanye, ehlathini elidala lokutshalwa elalinezigqila eziningi. Wayesethi, “Unezigqila ezingaki na?”

“O,” wathi, “ciske eziyikhulu namashumi amahlanu phandle lapho, ngiqagele.”

Wathi, “Ngingaphuma ngibuke phezu kwazo na?”

Wathi, “Impela, zisize.”

<sup>64</sup> Ngakho waphuma ukuba abuke phezu kwe—kwezigqila. Futhi ngenkathi eqalaza, wabaqaphela labobafo, njalo babedabukile. Wona, amaBhunu, abaletha bevela eAfrika ase ethululwa eCuba phandle lapho, base bebathumela ngapha eNingizimu base bebathengisa babe yizigqila. Futhi babazi ukuthi babengasophinde babuyele ekhaya. Babazi ukuthi babengasophinde bambone uyise nonina, nhlobo, noma abantwana babo, umyeni, amakhosikazi, kanjalonjalo. Babe—babengabahlushwayo ngesici ababengazenzelanga bona. Futhi nakhu babelapha, bekude nekhaya, futhi bedabukile. Futhi ngezinye izikhathi babethatha iziswebhu futhi bababhaxabule, njengoba benza nje esilwaneni, izinkomo, nezinkabi, amahhashi, nezinto, bese-ke be—bebenza basebenze.

<sup>65</sup> Nalokhu bakuqaphela, lona othenga athengisele abanye waqaphela osemusha ukuthi kwakukhona esinye salezozigqila ababengadingi ukuba basibhaxabule. He, sasiphakamise isilevu saso, amahlombe aso ehlehlile, futhi ngempela sasisemgqeni ngaso sonke isikhathi. Babengadingeki ukuba benze noma yini kuso. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Sasiwenzile umsebenzi. Ngakho umnikazi wezigqila wathi. . . Othenga athengisele abanye wathi kulomnikazi, wathi, “Ngithanda ukuthenga lesiya sigqila.”

Wathi, “O, qhabo.” Wathi, “Asithengisi.”

<sup>66</sup> Wathi, “Awu, kungani singathengisi na?” Wathi, “Yini wena,” wathi, “yini oyi. . . Yini esenza sibe ngaleyondlela na?” Wathi, “Ngabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye na?”

Wathi, “O, qhabo. Siyisigqila.”

Wathi, “Usondla ngokwehlukile kunoma wenza kuzo zonke ezinye na?”

<sup>67</sup> Wathi, “Qhabo, zonke zidla phandle emkhunjini wempi, ndawonye.” Wathi, “Siyisigqila nje.”

<sup>68</sup> Wathi, “Awu, yini esenza siziphathe ngokwehlukile kunazo zonke ezinye na?”

<sup>69</sup> Wathi, “Uyazi, ngangihlala ngimangala ngalokho, nami, ngaze ngathola ukuthi phesheya ezweni lendabuko, eAfrika lapho zivela khona, uyise uyinkosi yesizwe. Futhi, nokho, singowezizwe, sikude nekhaya, kodwa siyazi ukuthi siyindodana yenkosi, futhi siziphathisa okwakho.” O, he!

<sup>70</sup> Abefanele enzeni amaKristu na? Singamadodana namadodakazi eNkosi. Nakuba singabezizwe, asiziphathise okwamadodana namadodakazi. Besifazane, yekani izinwele zenu zikhule. Yekani ukugqoka lezozingubo enizigqokayo, ezingezokungabi nasimilo nezinto. Ndoda, buyela lapho indoda ifanele ibekhona. Unga. . . Ziphathiseni okwamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Ungowezizwe lapha, kodwa, khumbula, singamadodana eNkosi.

71 Bonani ukuthonya indoda eyayinakho phezu kwawo onke amanye, isimilo sayo sokuziphatha sagcina onke amathemba amanye ephakeme.

72 Sithola ukuthi lenkosi, uUziya, wayengumfana ongumelusi wezimvu ngezinsuku zikaIsaya, umprofethi. UIsaya wayengumprofethi.

73 Abaprofethi bayazalwa. Ababeki nje izandla phezu kwabo, bese bebenza abaprofethi. Bayazalwa, banqunyelwa ngaphambili nguNkulunkulu. “Iziphiwo nokubiza kungaphandle kokuphenduka.” Kunesi—siphiwo sokuprofetha ebandleni, futhi sifanele sehlulelwe ngabantu abathathu ngaphambi kokuba iphimbo lize lizwiwe phakathi kwebandla, kodwa lesa nje yisiphiwo sokuprofetha. Kodwa umprofethi ngokoqobo ugcotshwa ngo ISHO KANJE INKOSI, kusukela ebuntwaneni kuya phezulu.

74 NoIsaya wayengumprofethi weNkosi, futhi wayekade esiwe ethempelini. Futhi wayekade ene. . . Lo Uziya, lomfana ongumelusi wezimvu osemncane, wayengukuthonya okukhulu—okukhulu phezu kwalomprofethi osemncane. Ngoba, u-Uziya, kwiziKronike zesiBili 26, zisitshela ukuthi wayebe yinkosi kaIsrayeli ngenkathi wayeseneminyaka nje eyishumi nesithupha ubudala. Uyise uAmaziya wafa, wayesethatha indawo yakhe, ukuba abuse, njengoba kwakuyisiko ukuthi i—indodana ingene esikhundleni se—senkosi. Base bethatha futhi bamenza inkosi ngenkathi wayeneminyaka eyishumi nesithupha nje ubudala. Futhi wayenoyise, u-Uziya. . . UAmaziya wayeyi—wayeyindoda enkulu. Wayeyi—yi—yindoda emesabayo uNkulunkulu. Futhi enalomzali omesabayo uNkulunkulu, awu, kwamenza wenza into efaneleyo, ngoba wathonywa nguyise. Niyabo?

75 Namhlanje, ungakulindela kanjani ukuthi singeke saba nabanye futhi o-Oswald noJack Ruby. Bukani e. . . Ngisuke ehhotela lami labahamba ngezimoto, esikhashaneni esedlule, nenxushunxushu enje yesigejane esidakiwe sabaseCalifornia phandle lapho, sicambalele phandle lapho, labobesifazane behhundule izingubo baba nqunu phandle kulokho, phandle lapho nomcwanyana abawufakile, noma enye into ethize, phandle lapho. Nendoda iphuza ugologo ku—ku ayisi nezinto, futhi iqhubeka, iwela ngasemanyini okubhukuda. Ungalindela kanjani abantwana babo, abancane lapho egcekeni, behamba bedlala, babe yinoma yini ngaphandle kukaOswald noma into enjengaleyo na? Ngukuthonya okubekwe phambi kwabo.

76 O, iMelika ibolile kwaze kwayofika emnyombweni. Izovuna ekutshalile. UNkulunkulu onobulungiswa angeyiyeke izedlulele nanoma yini enye.

Wena uthi, “Ngabe ungum Am- . . .”

<sup>77</sup> Mina, impela, ngingumMelika. Emasimini, eJalimane naseJapani, kunamathuna amaMelika amakwe konke—konke ngapho, abantu bakithi, oBranham. Futhi uma bengingadingeka ngihambe, benginganikela ngempilo yami ngayo.

<sup>78</sup> Kodwa ake nginitshela okuthize. Sidinga ukushukuma, lesisizwe siyakudinga. Izinto esake saba nazo, sizilahlile, futhi sizama ukuphila phezu kodumo lwalokho okwenziwe ngomunye umuntu. Sizovuna ngakho. UNkulunkulu wenza uIsrayeli, abantu benhliziyo yaKhe uqobo; Wabenza bavuna. Futhi sizovuna, nathi, ngalokho esikwenzayo. Asinalutho olunye phambi kwethu, kodwa ukuvuna. Singamule emgqeni womusa nesihawu, futhi akusekho okunye okusele kodwa ukuvuna. Kumakeni lokho emaBhayibhelini enu. Sengiyikhehla. Kodwa kumakeni lokho phansi futhi nithole ukuthi lokho ngabe akusilo yini iqiniso noma qha. Mhlawumbe uma ngingasekho, futhi kuqhubeke kuqhubeke, niyothola ukuthi lawomazwi aqinisile. Sizokuthola. Silinganisiwe esilinganisweni futhi safunyanwa silula, futhi ayikho indlela yokuphuma. Kunjalo. Sesivele siwuwelile lowomugqa. Nifanele nivune enikutshalayo, ngaso sonke isikhathi.

<sup>79</sup> Ngakho lomfo osemncane wayengukuthonya impela phezu kwalokhu, inkosi esencane yayingukuthonya phezu—phezu komprofethi osemncane. Futhi yencika phezu kwengalo yalomprofethi, ngenxa yokuthi ya—yayazi ukuthi wayengumprofethi. Futhi yayinaye ngqo inaye ngaso sonke isikhathi, noku—kudonsa ukuthonya kwakhe emibonweni yakhe, kanjalonjalo, evela kuNkulunkulu, ukwazi ukuthi iwuphathe kanjani umbuso wayo.

<sup>80</sup> Futhi kwayenza yaba yindoda enkulu. Yazishaya indiva ezombusazwe zangalolosuku, nemibono ethandwa ngabantu, futhi yamkhonza uNkulunkulu ngenhliziyo eqinisileyo. Yilolohlobo lomongameli esiludingayo. Yilolohlobo lom—mholi esimdingayo phezu kwabantu banoma yisiphi isizwe, nomaphi. Umbuso wayo wawulandela okaSolomoni. Kwakungekho lutho... UNkulunkulu wayibusisa nje futhi akangagodla sibusiso, ngoba yaMkhonza.

<sup>81</sup> Nalolu kwakulusizo olukhulu kuIsaya osemncane, ngenxa yokuthi wayebonile ukuthi uNkulunkulu wayeyobabusisa kanjani labo owayethembekile eZwini laKhe. Akunandaba ukuthi kwakunzima kangakanani, hlala ngokwethembeka kuleloZwi. Futhi kuyisibonelo namhlanje, futhi, kithi, ukuhlala ngokwethembeka eZwini. Futhi kwakunokuthonya okukhulu phezu kwakhe.

<sup>82</sup> Manje, yatshala izivini, futhi yayingumelusi, futhi yayinazo zonke izinhlobo zemihlambi nezivini. Uma ufuna ukufunda, kwiziKronike zesiBili 26 lapho, nezindawo ezehlukene zomBhalo, okhuluma ngo—ngoUziya. Wayeyindoda enkulu.

Wa—wayethanda ukuphumela ngaphandle, futhi, umfo okahle kanje pho! UNkulunkulu wabusisa yonke into ayenzile. Yaphumelela nje futhi yaqhubeka ngqo. Futhi akukho zizwe ezamkhathaza. Zazimesaba, futhi ngoba wakhonza iNkosi uNkulunkulu owayenaye; hhayi ngoba babesaba umbutho wakhe wezempi, kodwa babesaba uNkulunkulu ayemkhonza.

<sup>83</sup> Leso bekufanele kube yisikhumbuzo sethu. “Sithemba uNkulunkulu wethu,” kusho njalo emadoleni ethu, kodwa ngiyamangala ngezinye izikhathi.

<sup>84</sup> Manje, kodwa konke lokhu kwenzeka, futhi kukhombisa lapha isibonelo. Ngithanda ukudonsa kulokhu, kulentambama, ukukhombisa ukuthi uNkulunkulu angayibusisa kanjani indoda futhi—futhi ayenze ibe yindoda enkulu. Kodwa, niyazi, ngenkathi lenkosi ithola . . . izizwa ivikelekile, yazizwa isendaweni ukuthi—ukuthi ngokoqobo yayibambelelise okwehange, futhi kwakungekho ndlela kuyo ukuba ike iwe, yazikhukhumeza ngokuziqhenya. Yilapho eyathatha khona ukukhubeka kwayo. Lokho kungenkathi lapho noma yiyiphi indoda iyothatha khona ukukhubeka kwayo.

<sup>85</sup> Ngicabanga ukuthi yileyo indaba ngenxa yabantu bakithi abaningi namhlanje, siyazikhukhumeza. Ngicabanga ukuthi yilokho okubangela izinhlangano ukuba zenze ezikwenzayo. Zithola izinga elingcono, lalokho abakubiza ngokuthi, “esinye futhi isihlakaniphi, izinga elingcono labantu,” bayacabanga. Ndoda, eyabo isch- . . . bonke abefundisi babo benemfundo yasesikoleni esiphakeme nekholoji, iminyaka emibili noma emithathu yesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, babenzise ukuhlolwa kwengqondo namagagasi obuchopho, nayo yonke into, ukubona ukuthi ngabe bayafaneleka yini odabeni, futhi ngezinye izikhathi abazi lutho ngoNkulunkulu kunoma unogwaja wazi ngezicathulo zaseqhweni. Lokho kunjalo. Kunjalo. Lokho komqondo akuhlangene ngalutho nakho. Ngamandla kaMoya oNgcwele. Awekho engqondweni yakho; asenhliziyweni yakho. Kunjalo. Kodwa, niyabo, sithola . . . Bese-ke bezikhukhumeza, “Elethu, siya ebandleni eliwedlula onke edolobheni. Sisonta ebandleni lokuqala. Sisonta lapho imeya isonta khona. Sisonta kuleli.”

<sup>86</sup> Nazo zonke lezizinto lapho, niyabo, okuyikho, khona-ke abantu nje kalula bangeke bakumela ukuzwa Lokho. Bacabanga ukuthi nje—nje ungumuntu osabekayo. Kodwa, okuyikho, akukho-ndawo yeMbewu ukuba ibambelelise okwehange. Akukho lutho lwaYo ukuba ibekwe phezu kwalo; idwala nje. Ayisoze yabambelela. “Izinyoni zindiza ngakhona futhi ziKucosha,” iBhayibheli lasho.

<sup>87</sup> Kodwa ngenkathi lenkosi izikhukhumeza, yazizwa ivikelekile, yazikhukhumeza ngokuziqhenya.

<sup>88</sup> Ngiyaqaphela, izikhathi ezininginingi, sithola ngisho nabantu, abavangeli, bafika endawaneni lapho abanengi babo usolwe ngezinto eziningi, futhi mhlawumbe okunye kwakho kuqinisele, kokuphuza, kanjalonjalo. Okuyikho, ngicabanga ukuthi bakha umbuso omncane ngakubo, futhi bacabanga ukuthi labobantu babathanda kahle kakhulu, akukho-ndlela nhlobo ye... Labobantu, bangenza nje noma yini abafuna ukuyenza, futhi, “Labobantu abazukuyinaka.”

<sup>89</sup> Abantu bangahle bakwenze, kodwa kanjani ngoNkulunkulu na? Yilapho esehluleka khona ukubona. NguNkulunkulu oNguye owenza ukubheka. Niyabo? UNkulunkulu uyakwazi. Uma ubona iQiniso nokuKhanya, futhi uKwenqabe, uNkulunkulu uyakwazi okwenzile. Awusoze waqhubekela phambili uze ubuyele ngqo kuleyondawana futhi. Ungeke wawelela kulokho. Ufanele ubuyele ngqo lapho osuke khona.

<sup>90</sup> Wazikhukhumeza kakhulu emqondweni wakhe, futhi—futhi uthola ukuzivikela kakhulu nayo yonke into, kakhulu impela, ngangokuthi wazama ukuthatha indawo yomfundisi. Wazama ukungena futhi anikele ngempepho, njengoba sazi eBhayibhelini, ukushisa impepho, okwakungokomLevi kuphela ukuba akwenze, umprii owayegcotshelwe lowomsebenzi. Wazama ukuthatha indawo yakhe.

<sup>91</sup> Futhi lapha sinokuthonya kwalenkosi, ukwazisa abantu ukuthi lokhu ukuzifanisa nomunye umuntu kwenyama, namhlanje, akusikho okweNkosi. Anigcotshelwe ezintweni ezinjengalezo. Anisoze nathatha indawo yomunye umuntu, nomunye umuntu angeyithathe indawo yakho. Thola ukuthi ikuphi indawo yakho bese uhlala lapho. Niyabo?

<sup>92</sup> Wacabanga, “Awu, manje ngi... Akabusiswe uNkulunkulu, ngiyinkosi, neNkosi ibenhle kimi. Ngingakwenza *lokhu*. Nginalokhu. Lena yinkonzo yami.” Bese uthola ukuthi, ukuthi, ekuqhubekeni kwayo kanjalo, futhi yazama ukuwela, futhi yakweqa ngaphezulu lokho uNkulunkulu ayeyibusisa kukho.

Uma uyilunga nje elikahle, yiba yilunga nje elikahle.

<sup>93</sup> Uma ungunkosikazi wekhaya okahle, uma uNkulunkulu ekubusise njengonkosikazi wekhaya futhi wakwenza wethembeka futhi waba neqiniso, dadewethu, qhubeka nje ukuba ube yilokho. Ungatholi ukucabanga, wena, ukuthi uNkulunkulu ukubizele ukuba ngumshumayeli, noma—noma idikoni, noma enye into ethize.

<sup>94</sup> Futhi—futhi yenza okufanayo, ndoda. Nomaphi lapho uNkulunkulu ekubusise khona, hlala lapho, ngoba yilapho Akubeke khona. Yenza nje lokho Akutshela ukuba ukwenze, futhi ubone ukuthi Ukubusisaphi.

<sup>95</sup> Kodwa, ungazami neze ukungena, lokho—lokho yizimpande zotshani bePentekoste. Ngenkathi uNkk. McPherson... Njengoba ngangifunda incwadi yakhe, angizange...

Ngangingesuye umfundisi ngezinsuku zakhe. Futhi bathi, “Kwakuthi uma ehamba ephumela emsamo nalezi, njengamaphiko, niyazi,” noma, niyazi, uhlobo lwengubo ende kanjalo, “wonke umshumayeli oyinenekazi wayegqoka into efanayo. Onke ayephatha iBhayibheli ngendlela efanayo uNkk. McPherson ayeliphatha ngayo.”

<sup>96</sup> Senake nazilalela lezizinhlelo zomsakazo na? Wonk’umfo, “INkosi ikubusise, ngempela ngempela, mfo,” uBilly Graham. Ngukuzifanisa nomuny’umuntu okungokwenyama.

<sup>97</sup> Ngangifunda u—umlando kaMartin Luther. Nomlando wathi, “Kwakungesiyo imfihlakalo kakhulu kangako ukuthi uMartin Luther abhikishele ibandla eliKatolika futhi azedlulele ngakho, kodwa ukuba aphakamisele ikhanda lakhe phezu kwabo bonke ubuhlanya obabulandela imvuselelo yakhe.” Kunjalo.

<sup>98</sup> Ziphathe ngokuhlanzeka nokucacile, obizweni lwakho. Hlala neZwi likaNkulunkulu futhi ungagudlukeli lutho. Futhi hlala, hlala obizweni lwakho. Uma Ekunika umsebenzi phandle lapho, njengomlimi, lima kahle. UNkulunkulu akubusise kukho, futhi ukhokhe izishumi zakho nanoma yini, iminikelo yakho, ukusiza inkonzo iqhubeke. Uma Enze umakhenika ngawe, futhi wakubusisa kulowomsebenzi, hlala nawo futhi uMbonge ngawo. Uyabo? Hlala nje lapho uNkulunkulu ekubizela khona.

<sup>99</sup> Siyathola lapha ukuthonya. Futhi manje-ke ngenkathi ezanywa ukuba aqondiswe, umfundisi wagijima emva kwakhe, wayesethi, “Awusho! Awume kancane! Awubizelwanga lokho.” O, ngabe wathukuthela! Ngani, wayezimisele ukunqunywa ikhanda lakhe.

<sup>100</sup> Niyabo, kunenye into esifanele siyazi. Akundaba ukuthi uNkulunkulu ukubusise kangakanani, awunalungelo lokuthethisa abagcotshwa beNkosi, noma usho noma yini ngokumelana nabo. Kunjalo. UNkulunkulu nguye ukuba anake lokho. Badinga noma yikuphi ukuthethiswa, lowo ngabantwana baKhe, bayeke kanjalo. Awufanele wenze lokho. Uyabo?

<sup>101</sup> Futhi uma u—utshela abantu ngezono zabo, futhi ubatshela ukuthi benza ngokungesikho, “Phumani! Ningazami nje ukuya eZulwini ngenqubo yenhlangano noma okuthize.” He, bakithi, bebenga, bayo...Bafuna ukuqhuma. Bayoqhuma. Bafuna ukuthola iphutha kuwe; abayiku—abayikuhlala ngisho futhi bakulalele; basukume futhi baphume, indlela yokuziphatha embi, futhi ukuziphatha noma ngayiphi indlela. Niyabo, lokho kuyakhombisa, indawo yokuqala, ukungakhuliswa kahle, izindlela zokuziphatha zasekhaya. Impela iyakwenza.

<sup>102</sup> Kodwa sithola ukuthi lomfo wayethathe lesisimilo sokuziphatha ekwenzeni into ayeyenzile. Kwenzekani kuye na? INkosi yamshaya ngochoko, khona lapho endlini. Futhi uchoko luyisifanekiso sani na? Isono, ukungakholwa. Asikho esinye

isono kodwa ukungakholwa. “Ongakholwayo uselahlilwe vele.” Nesono yikhona kuphela ukungakholwa okukhona.

<sup>103</sup> Ngangishumayela ngesinye isikhathi ebandleni lamaMethodisti, ngase ngithi, “Ukubhema osikilidi akusiso isono. Ukuphinga akusiso isono. Ukuthatha iGama leNkosi akusiso isono.”

<sup>104</sup> Kul’khuni kakhulu kudade oyedwa; wasukuma, wathi, “Ngisize ungitshela, Mfundisi ohloniphekile Branham, yini isono na?”

Ngathi, “Ukungakholwa.”

<sup>105</sup> Wenza lezozinto ngoba awukholwa. Kunjalo impela. Isizathu wala ukuhamba ekuKhanyeni kweZwi yingoba awulikholwa ngokuyikho iZwi. Lokho kukwenza ube ngongakholwayo.

<sup>106</sup> Umfo wathi kimi, wathi, “Ngeke ngaba nandaba ukuthi zingaki izehlo obungazikhombisa, nokuthi zingaki izehlo udokotela abengazikhombisa, zokuphilisa okwehlukene,” wathi, “Angikholelwa ekuphiliseni. Akunjalo.”

<sup>107</sup> Ngathi, “Impela, akuthunyelwanga kwabangakholwayo. Kwathunyelwa kuphela kulabo abakholwayo.”

<sup>108</sup> Kungokwabakholwayo kuphela. Wathi, “Okholwayo, konke kuyenzeka,” hhayi kongakholwayo.

<sup>109</sup> Futhi elilodwa ichashazi lokungakholwa elimelene neZwi likaNkulunkulu, futhi uyohlala ngaphandle koMbuso weZulu. Kwakhipha uEva. Kwabangela yonke lenkathazo, kanye nje ukuphendukezela iZwi kancinyane nje. Ufanele uhlale uqonde naLo, lokho Elikushoyo.

<sup>110</sup> Manje siyathola, lendoda yathola konke ukuqhosha nokukhukhumala, nobuso bayo baba bomvu, futhi yajika yase itshela labobapristi, futhi, into yokuqala niyazi, yabhedukelwa wuchoko. Khona lapho olakeni lwayo, yashaywa. Ayizange ikunqobe. Ini? Ilikholwa ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu elalizanywa ukutshelwa yona.

<sup>111</sup> Kunesibonelo sangempela kulokho. Qaphelani. Waye... Wakholwa ngokungesikho, futhi, ekuthukutheleni kwakhe, washaywa ngochoko; futhi wafa, phandle ekhaya lakhe uqobo, akabange neze esavunyelwa embusweni nhlobo, isigodlo senkosi. Indodana yakhe yadingeka ithathe indawo yakhe futhi—futhi basize ngakho konke ababengakwenza, futhi washiywa kanjalo waze wafa. Manje, niyabo, akazange asinde.

<sup>112</sup> UJesu wathi, “Izwi elilodwa elimelene naLo alisoze lathethelelwa,” iZwi, “kulelizwe noma ezweni elizayo.” Alithetheleleki. Ngakho niyabona ukuthi kungani izwe selilungele ukwahlulelwa na? Abavangeli abakhulu nezinto ezisibekele umhlaba ngeVangeli, bezihlekwa, kuhlekiswa ngazo, yonke enye into. Akusekho lutho olusele. Ayikho indlela yakho ukuba kuze kubuye. Bahlambalaze uMoya



oNgwele, futhi bahlekisa ngaWo, nayo yonke eny'into. Futhi ba...Futhi, bona, ayikho indlela yakho ukuba kuze kubuye. Kuzofanele kukhokhelwe. Ayikho indlela yokuphuma kukho. UNkulunkulu ulungile; bekungaphambana nobulungiswa baKhe, kuphambane nobuYena baKhe—baKhe—baKhe, lokho Ayikho. Futhi manje kuzofanele kukhokhelwe.

113 Ngakho lenkosi, akunandaba ukuthi uNkulunkulu wayeyithanda kangakanani, ukuthi yayiyindoda enkulu kangakanani, ukuthi yayineziqo ezingakanani, nokho yenze okungalungile futhi yadingeka ivune eyayikutshalile. Futhi wonk'umuntu uzofanele akwenze.

114 Manje-ke kwaba yisifundo kumprofethi osemncane. Manje-ke kwaba yisifundo sangempela! Ngalokhu, uSaya wafunda ukuthi uNkulunkulu uyala umuntu waKhe abe sendaweni yakhe, qobo lwaKhe. Hhayi okuyalwa ngomuny'umuntu othize. UNkulunkulu uyala umuntu waKhe abe semsebenzini, manje, umyala ukuba abe sendaweni yakhe. Akafanele azame ukuthatha indawo yomunye.

115 Umbono, into yayinkulu kakhulu yaze yaqhubela lomprofethi ethempelini, ukuba ayokhuleka.

116 Ngiyamangala, namhlanje, ukuba besizobona ukufa kwamabandla, ukubona u—ukuphela kwabantu, besuka kuMoya, beqhubekela emuva futhi bekhonza izivumokholo zabo, uma bekungesikho ukuqhubela amakholwa emadolweni awo.

117 Kwenza ikholwa langempela, ikholwa eligcotshiwe, uSaya umprofethi, aye emadolweni akhe. Waya ethempelini, futhi lapho uqala ukukhuleka.

118 Futhi, ethempelini, wabona uNkulunkulu esesihlalweni saKhe sobukhosi, esiphezulu nesiphakemeyo. UNkulunkulu wayezomkhombisa ukuthi akabuke kuphi. Bangabukani; abuke phezulu lapho kulokho Ayikho, ini, Wayephezulu ephakeme esihlalweni saKhe sobukhosi.

119 Qaphelani amaSerafi aseZulwini nezembozo ebusweni baWo. Manje, amaSerafi ngabashisi bomhlatshele, okungezinye zezinhlelo zeziNgelosi eziphakeme kunazo zonke. Aseduze kwamaKherubi. Lapho kwakuyiziNgelosi, bese-ke kuba ngamaSerafi, bese-ke kuba amaKherubi. NamaSerafi empeleni ngumshisi womhlatshele, enza indlela yokusondela kwezoni, uhlelo oluphakeme ngempela lobungwele ethempelini likaNkulunkulu.

120 Futhi wabona, ngenkathi esezansi kwiphansi lendlu ealtare, ekhuleka, "Nkosi, ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi phakathi kwabantu abazindebe zabo zingcolile." Futhi wayenza ukuvuma kwakhe.

121 Futhi ngenkathi esenzile, wabuka phezulu wayesebona lamaSerafi. Ayenamaphiko amabili emboze ubuso baWo,

namaphiko amabili emboze izinyawo zaWo, futhi ayendiza ngamaphiko amabili, ememeza, “Ingcwele, ingcwele, ingcwele iNkosi uNkulunkulu uSomandla! Ingcwele, ingcwele, ingcwele, konke okukaNkulunkulu kungcwele! Ingcwele, ingcwele, ingcwele iNkosi uNkulunkulu uSomandla!”

<sup>122</sup> Ake sibuke umbono umprofethi awubonayo, futhi siwuhlaziye. Amaphiko amabili amboza ubuso baWo. Kucabangeni, ngisho neziNgelosi ezingcwele zadingeka zifihle ubuso baZo obungenasono, ukuba zime eBukhoneni bukaNkulunkulu. Zanikwa amaphiko ukufihla ubuso baZo, eBukhoneni bukaNkulunkulu ongcwele! Wena nami sizoma kanjani Lapho, uma amaSerafi adingeka asebenzise amaphiko, indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yokufihla ubuso baWo, ukuma eBukhoneni baKhe, ukuba ahlabelele, “Ingcwele, ingcwele, ingcwele iNkosi uNkulunkulu uSomandla”? Ukuthoba eBukhoneni baKhe!

<sup>123</sup> Manje asinanhlonipho yokuzithoba kuNkulunkulu. Wonk’umuntu uvele nje acabange ukuthi uvikeleke kakhulu, baze ba—aba—abamhloniphi ngokuzithoba uNkulunkulu njengoba bebefanele. Ngani na? Bakwenzelani lokhu na? Ngoba abanakho ukuzwa uBukhona baKhe. Yingalesosizathu abantu benza lokho. Bona, abaBuqondi. Abakwazi, abakwazi ukuqondisisa ukuthi baseBukhoneni bukaNkulunkulu. Izingqondo zabo ziba ngeziphendukezelwe kakhulu futhi zahambisana nezinto zezwe, sebeze abaBunaki ngisho ukubunaka. Baya esontweni, impela. Kodwa ukuqonda ukuthi useBukhoneni bukaNkulunkulu! Hhayi esontweni kuphela; noma ngabe ukuphi, useBukhoneni bukaNkulunkulu.

<sup>124</sup> Ukuba bebengenza njengoba kwasho uDavide, “Ngibeka iNkosi njalo phambi kobuso bami, ngakho-ke angiyikuzanyanyiswa.” Inqobo nje uma iNkosi yayiphambi kwakhe, wayengenakuzanyanyiswa.

<sup>125</sup> Nalababashisi bomhlatshelo baseZulwini benamaphiko phezu kobuso Babo, futhi bememeza, “Ingcwele, ingcwele, ingcwele,” ukuma eBukhoneni bukaNkulunkulu, kuyokwenzekani kubantu abanezono abangayikumhlonipha ngokuzithoba uNkulunkulu na?

<sup>126</sup> Wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham, uthe nje Ayehlinzekwe ngamaphiko amabili.”

<sup>127</sup> Futhi uhlinzekwe ngento ethize, nawe, iGazi likaJesu Kristu. Leso yisembozo sakho. Leso, awumi njengeSerafi, awumi njengeKherubi, awumi njengeNgelosi. Kodwa, uma njengendodana ehleziwe noma indodakazi kaNkulunkulu, ngaleliGazi. Awudingi ukuba ube nalamaphiko Ayenawo. Ayisembozo esikhethekile saWo kuloboBukhona. Kodwa uneGazi likaJesu Kristu eliyisembozo, ukuma Lapho. Manje kanjani... Manje, wena, uma unaleloGazi, khona-ke wazisa

uNkulunkulu, uthanda uNkulunkulu, uhlonipha uNkulunkulu; noNkulunkulu uyiZwi.

128 Manje qaphela, okwesibili, ngamaphiko amabili Amboza izinyawo zaWo. Kwakuchaza ukuthini lokho na? Ukuzithoba phambi kukaNkulunkulu, eBukhloneni baKhe.

129 NjengoMose esihlahleni esivuthayo, wakhumula izicathulo zakhe, ngenkathi eMuzwa ethi, “NGINGUYE ENGINGUYE.”

UPawulu, esendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, wa—wawa ngobuso bakhe.

130 UJohane, ngenkathi ebona u—uMoya kaNkulunkulu uphezu kukaJesu, wathi, “Yimina engiswela ukubhaphathizwa nguWe, futhi Uzelani kimi na?”

131 Nasi isibonelo esihle. Njalo yiba nokuzwa ngobuncane bakho, hhayi ubukhulu bakho.

132 Namhlanje, thina—thina maMelika, kakhulu impela, ukuthi sizama ukucabanga ukuthi singumuntu othize omkhulu, “Singabento ethize enkulu, inhlango ethize enkulu, enye into ethize enkulukazi ene...” O, enkulukazi, enkulu, okukhulu yikho kuphela esikubonayo.

133 Nalokho kungenkathi...Ngesinye isikhathi, eBhayibhelini, sinesibonelo salokho. Kwakukhona u—umprofethi owabuyela emgedeni futhi...UElija. NoNkulunkulu wayezama ukuheha ukunaka kwakhe, ukuba aphume. Futhi nakho kufika umlilo, nentuthu, ne—nemimoya evunguzayo enqamula ezintabeni, nokuduma, nokuzamazama komhlaba okuningi, nokungqangqazela, nayo yonke enye into. Umprofethi akazange ngisho anyakaze. UNkulunkulu wayengekho ngisho kukho. Kodwa ngenkathi lelo elihashazayo, iPhimbo elincane lakhuluma, wamboza ubuso bakhe wayesephuma. Ngenkathi elihashazayo, iPhimbo elincane leZwi likaNkulunkulu likhuluma, hhayi ukubanga umsindo, hhayi amahlelo ethu amakhulu, hhayi into yethu enkulu ethize, kodwa lelo elihashazayo, iPhimbo elincane, leZwi, elinganakwangwa. Lokho kufanele kubizele indoda ekuphendukeni. UNkulunkulu eZwini laKhe!

134 Nokho, Lamboza izinyawo zaLo; futhi liba nokuzwa ngaYe...ubuncane bethu phambi kukaNkulunkulu.

135 Okwesithathu, Lalikwazi ukundiza ngamanye amabili.

136 Manje khumbulani, amabili, Lamboza ubuso baLo, eBukhloneni bukaNkulunkulu, nokuba nenhlonipho yokuthoba. Okwesibili, amaphiko amabili phezu kwezinyawo zaLo kwakusho ukuzithoba, phambi kukaNkulunkulu. Nesethi yesithathu yamaphiko, manje, Langena emnyakazweni qobo lwaLo. Lalikwazi ukundiza ngalawomaphiko amabili, niyabo. Amabili limboze ubuso baLo, amabili limboze izinyawo zaLo,

futhi lindiza ngamabili, manje kwakuyini na? Inhlonipho yokuzithoba, ukuzithoba, nokuba semnyakazweni.

<sup>137</sup> UNkulunkulu wakhombisa umprofethi ukuthi inceku yaKhe elungiselelwe ifanele ibe njani; ihloniphe ngokuzithoba, izithobe, bese iba semnyakazweni. Manje ubone into ehluke kweyavezwa ngu-Uziya. Wayekhombisa umprofethi ukuthi ufanele abe njani, hhayi njengoUziya, kodwa ukuba njengalamaKherubi aseZulwini. Futhi uma ufuna ukubuka inkosi, inkosi yasemhlabeni...Buka KweyaseZulwini, ephakanyiselwe phezu kwawo onke amaZulu, nomsila wengubo yaKhe wagcwalisa amaZulu.

<sup>138</sup> Lapho siyabona ukuthi Wayemnika into ethize ukuba abuke kuyo, ukuba imthonye ngokwehlukile kulokho ayekade ekubuka, ecabanga, “Umuntu owayekhonzisa uNkulunkulu futhi waphumelela, nayo yonke into, yayikahle.” Kodwa uSaya wabeka ingqondo yakhe—yakhe phezu komuntu.

<sup>139</sup> Nomuntu uyisehluleki, kwasekuqaleni nje. Angikhathali ukuthi ungubani. “Uzalelwe esonweni, wabunjwa ebubini, ufika ezweni ekhuluma amanga,” ngakho uyisehluleki ngokuphelele. Angikhathali noma engumbhishobhi, uphapha, igosa, noma ngabe yini okunye angahle abe yikho. Uyisehluleki, kwasekuqaleni nje, futhi ungambuki neze. Angikhathali, “Noma egudluza izintaba ngokukholwa, futhi noma enikela ngezimpahla zakhe ukuba aphe abampofu.” Noma kunjalo, bukani uJesu Kristu. NguYe. Mbukeni, hhayi umuntu othize.

<sup>140</sup> Tholani manje ukuthi Wayekhombisa lapha ukuthi inceku kaNkulunkulu ifanele ibenjani, ukuthi ifanele izithobe kanjani futhi ihloniphe ngokuzithoba futhi ibe semnyakazweni.

<sup>141</sup> Ngena emnyakazweni! Abaningi bethu bangathoba, abaningi bethu bangahlonipha ngokuzithoba, kodwa kul’khuni ukungena emnyakazweni.

<sup>142</sup> Kodwa manje siyaqaphela ukuthi uNkulunkulu wayekhombisa ukuthi Wayelungiselela inceku yaKhe, ukuthi ifanele ibe njani. LawomaKherubi ayenjalo, noma—noma amaSerafi, kwakuyizinceku zikaNkulunkulu.

<sup>143</sup> Qaphelani, njengowesifazane emthonjeni, ngenkathi wayebheke umBhalo ukuba ugcwaliseke. Esikhulume ngawo, kabili noma kathathu kuleliviki. Ngenkathi, wayebheke lokho ukuba kugcwaliseke. I—intombazane, ngokwazi kwethu, yayingasonti. Mhlawumpe yayi...Babekude kakhulu neZwi, nezinto ezinjalo, ba...futhi bebiza izivumokholo zabo nezinto. Njengoba uJesu athi, “Nithathe amasiko enu, futhi nalenza ize i—iZwi likaNkulunkulu.”

<sup>144</sup> Kuthi akube yinto efanayo namhlanje. Izivumokholo esifundiswa zona, nezinto, zikhiphe iZwi likaNkulunkulu emnyakazweni. IZwi lingeke laphuma. Nezinto ezashiwo,

qiniso; zifakwe kakhulu izimfundiso ngeziny'izinto, abakwazi ukuLibona.

<sup>145</sup> Khumbulani, leloPhimbo alizukuvama kuphela ukukuhambela lapha. Leteyipu iya emhlabeni wonke. Angikhulumi ngqo kini nonke lapha. Kodwa uma ekhona lapha okudingayo, awu, lokho, kungokwakho-ke. Niyabo? Kodwa, khumbulani ukuthi leloPhimbo liyovama ukukuhambela inqobo nje uma usaphila. Ngosuku lokufa kwakho, liyovama ukukuhambela. Lilalele! Buya!

<sup>146</sup> Amasiko ethu lithathe iZwi likaNkulunkulu futhi laLenza ize. IZwi likaNkulunkulu lenziwa libonakale, nabantu bama bazungeze bese bethi, "Awu, ngiqagele lokho kuhle kancane." Niyabo? He, o, he! Belifanele lokhele ngomlilo umphefumulo wakho. Belifanele lenze into ethize, kodwa alikwenzi. Alikwenzi. Sithola uNkulunkulu. . .

<sup>147</sup> Ngenkathi lona wesifazane. . . Labobapristi nezinto, mhlawumbe wayengasonti ngoba akaboni sidingo sokuya, ngento enjengaleyo. Kodwa wayeyifundile imiBhalo. Ngokuba qaphelani, wayazi, ngokushesha, ngenkathi Emtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, ngani, wathi, "Ngani, siyazi ukuthi Ufanele ukuba ngumprofethi. Kade singenaye amakhulu eminyaka. Kodwa Wena ufanele ukuba ngumprofethi, siyazi." Manje, niyabo, umbono wami, wacabanga. . .

<sup>148</sup> Uma nizothatha lokho kufundwa okusemphethweni lapho, futhi ukufunde emBhalweni wakho, kubuyela ku "mProfethi uqobo," okwabe kunguKristu.

<sup>149</sup> Wathi, "Siyazi si. . .Ufanele ukuba ngumprofethi. Siyazi ukuthi uMesiya, nxa Efika, lena kuyoba yinto Ayoyenza. Uyokhonjwa yilokhu."

NoJesu wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

<sup>150</sup> Wangena emnyakazweni. Akabange esakumela. Yona impela into ababeyibhekile, yayisisemhlabeni ngqo ngaleyonkathi, futhi waYibona. Akunandaba ukuthi wayesesimweni esibi kanjani, isifebe, noma owesifazane onjalo, akakwazanga. . . Indoda emgwaqeni yayingamlaleli ngisho. Bebengeke namhlanje. Kodwa ukummisa, wawungakwenza kanjani na? Kwakunjengendlu isha, kunomoya omkhulu. Wawungeke uwucishe. Umlilo wavutha enhliziyweni yakhe.

<sup>151</sup> Wathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshela izinto engizenzile. Lona kungebe nguye impela uMesiya na?" Futhi kwanamathela, nakho. Ngenkathi, uJesu akabange esadingeka ukuba enze lokho kanye futhi. Abantu bamkholwa ngoba. . . bamkholwa uJesu ngenxa yobufakazi bakhe. Niyabo? Kwenzani na? Wayezithobile, ehlonipha ngokuzithoba, futhi esemnyakazweni. Waya emnyakazweni ngenkathi ebone into yenzeka.

152 Izibonakaliso zaKhe bezifanele zithonye, namhlanje. Izibonakaliso ezithenjisiwe zanamhlanje, iZwi elithenjisiwe elenekelwe lokhu namhlanje, ukubona uNkulunkulu egcwalisa lokho Athi Uyokwenza, bekufanele kwenze into ethize kithi. Kodwa akuyenzi.

153 Njengoba kwenza nje kumaJuda. Ayegcwele kakhulu ezenkolo ngangokuthi a—awacabanganga ukuthi ayeLidinga. Wona, ayecabanga ukuthi ayenayo yonke into.

154 Futhi kungaleyondlela ngezwe namhlanje. Linenqwaba elizoyidla, inqwaba elizoyigqoka, amabandla amahle, izindawo ezinkulu, abefundisi abafundiswe kahle, futhi ngakho abadingi lutho olunye. “Kodwa anazi,” umBhalo wathi, “uhamba-ze, owokuhawukelwa, ophuphuthekile, kanti kawazi.” “Kawazi,” futhi ungeke wabatshela kwehluka. Baqhubeka nokugxambuza ngqo behle ngalowomugqa, futhi behluleke ukudedela iZwi likaNkulunkulu libathonye ukuba bakholwe ukuthi uJesu Kristu uvusiwe kwabafuleyo, futhi uyaphila namhlanje, onguyena izolo, namuhla, naphakade, ezikhombisa Yena uqobo ephila. Kalula bafule nje. Ndawo zonke, ndawo zonke lapho oya khona, kubonakala kuyinto efanayo. Kwakufanele kube ngaleyondlela, nokho, niyazi. Uzokhishelwa ngaphandle kwebandla. Akukho ndlela nhlobo yakho ukukuvimba kungabi ngalendlela. UNkulunkulu wathi kwakuyoba ngalendlela. Kodwa uma—uma . . .

155 Akukuzamazamise, akukuzamazamise kahle. Akunandaba ukuthi ukusiphi isizwe, noma ngabe ukuphi, noma ngabe ungubani, makukuphaphamise.

156 Amahora ayafika ahambe. Into yokuqala niyazi, uzobe uthi, “Awu, ngangi—ngicabanga ukuthi kwakufanele kubekhona lokhu okwenzeka ngaphambi koHlwitho.”

157 Kungahle kube nePhimbo elibuya njengoba lake lenza ngesinye isikhathi, “Sekuvele kwenzekile futhi anikwazanga.”

158 Nonke niyogxilisa okwehange ebandleni ndawondawo, nithi, “Ngivikeleke nje ngakho konke,” futhi, into yokuqala niyazi, uHlwitho luyobe seluhambile. Luzoba yimfihlo, ukumuka okusheshayo, akukho-muntu owaziyo ngalo. Izwe liyobe liqhubekela phambili ngqo.

159 NjengoNowa wangena emkhunjini. Niyakhumbula, emva kokuba uNowa esengene emkhunjini, wahlala lapho izinsuku eziyisikhombisa emva kokuba uNkulunkulu evale umnyango. UNkulunkulu wavala umnyango, noNowa wahlala emkhunjini izinsuku eziyisikhombisa ngaphambi kokuba kwenzeke noma yini.

160 Nomnyango wesihawu uzovalwa ebusweni bakho, futhi kungahle ukuba usuvele uvaliwe. Futhi kucabangeni nje, abantu bayoqhubeka beshumayela, abantu becabanga ukuthi

bayasindiswa, befaka amagama abo ezincwadini, bejoyina isonto, bememeza, begxuma phansi-phezulu.

<sup>161</sup> Ngani, ngibabonile abakaMohamede bememeza. Ngizwile...abantu baphuze igazi lomuntu ogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi bakhulume ngezilimi, futhi benze zonke lezozinto. Leso akusiso isibonakaliso sokuthi usindisiwe. O, qhabo.

<sup>162</sup> “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu.” Yini “aMandla akho” abakhuluma ngawo na?

<sup>163</sup> Niyabo, lezozinto bezingenzeka, futhi kuyoba yisikhathi esedlule futhi aniyikusazi. Ningeke naphumelela ekuthatheni lolohlobo lwethuba. Ningakwenzi, bangane. Ngenani nisenokungena. Ningathonywa yisakhiwo esithize esikhulukazi, inhlango ethize enkulukazi, isifundiswa esithize esiphucuke kakhulu. Mawuthonywe yiZwi likaNkulunkulu. Yilokho impela okwabangela labobaphostoli. Ngenkathi bebone leloZwi libonakaliswa, elabathonyayo, “Siqinisekile!”

<sup>164</sup> Ngingahle ngime ngicaphune futhi. UJesu, enezixuku ezinkulu zezinkulungwane ziMlandela, Wathi, “Leso siningi kakhulu. Bukani, bukani, into exakile lapha, kunabambalwa ababizwa...Ya, baningi ababizweyo, bambalwa abakhethiweyo.”

<sup>165</sup> Ngakho-ke Ubone amabandla amakhulu, Wathi, “Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu, niphuze iGazi laYo, aninakuPhila kini.” Akazange akuchaze.

<sup>166</sup> Ngiyamangala uma Ubengasho lokho eBeaumont, namhlanje, akunandaba ukuthi Wayethandwa kangakanani ngabantu, ukuthi ucabanga ukuthi odokotela, nabantu abaphucuzeke kahle, nososayense, babengathini? “LowoMuntu ungodla abantu. Awu, Ufuna niphuze iGazi laKhe na? Awu, hlobo luni lo... Nichezuka ekutetemeni.”

<sup>167</sup> UJesu akazange akuchaze. Wayefuna ukuthuntutha labobanceli begazi labanye basuke kuYe. Kunjalo. Khona-ke bonke basukuma base beshiya.

<sup>168</sup> Khona-ke Waqalaza kulabobaphostoli owayengamiselwe ukuPhila, kodwa Wayebakhethile. Babengamiselwe. Wathi, “Niyothini uma nibona iNdodana yomuntu yenyukela phezulu eZulwini lapho Evela khona?” O, lokho kwakungokubindanayo. Wenzani... .

<sup>169</sup> Labo—labobefundisi bathi, “Wenyukele phezulu eZulwini na? Awu, loMuntu wazalelwa khona lapha eGalile. Wazalelwa eNazareth. Siyamazi unina waKhe, abafoWabo—Wabo. Siyawazi umbhede wezingane Athunduzelwa kuwo. Sizibonile izingubo zaKhe zezingane. Sikhuluma kumama waKhe. Futhi manje-ke loMuntu uyafika, abuyele lapho Evela khona na? Uvela eNazareth. Uthini, ‘IZulu?’”

170 Akazange akuchaze. Base baningi kakhulu abancela igazi labanye namanje. “Basukuma, futhi ababe besahamba naYe.” Yilokho iBhayibheli elakusho.

171 Wayesephenduka-ke wayesethi, “Ngi...Nonke nifuna ukuhamba, nani na?” kwabayishumi nambili.

172 Khumbulani, abakwazanga ukukuchaza, kodwa babekwazi. Babazi ukuthi Wayenguye, ngakho basho kuYe. Wayebathonye ngezibonakaliso zaKhe eziqinisekisiweyo ezivela kuNkulunkulu. Bhekisisani.

Wathi, “Nifuna ukuhamba, nani na?” kwabayishumi nambili.

173 UPetru wathi, “Nkosi, besingaya kubani na? Ngokuba siqinisekile...” Manje, lokho, bukani, kufundisiseni lokho. Kuyini na? “Siyazi ukuthi iZwi lithini ngokwanamhlanje. Siyazi ukuthi uMesiya ufanele ukwenzani uma Efika namhlanje. Siyibonile lento ihlangatshezwa nguNkulunkulu.”

174 Wakusho kamuva, ePhentekoste. Wathi, “UJesu waseNazaretha, iNdoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu, ngezinto Efanele ukuzenza. Futhi nithathe iNkosana yokuPhila futhi naYibethela, futhi-futhi uNkulunkulu waYivusa, eningofakazi bakho nina.”

Qaphelani lapha, niyabo, wathi, “Besingaya kubani na?”

175 UJesu wathi, “Ngakhetha abayishumi nambili benu, nomunye wenu ungudeveli.”

176 Futhi kunabayishumi nanye kuphela abemi lapho, ezinkulungwaneni eziphindwe kazinkulungwane. Abayishumi nanye bem lapho. O, he! Abathonyiwe! Impela.

177 Lona wesifazane omncane, ngenkathi ethonyeka, wangena emnyakazweni. Wadingeka enze okuthize ngakho. Wadingeka atshele omuny’umuntu.

178 Futhi wonke umphefumulo wangeqiniso ngempela otheleka kuKristu, ufanele utshele omunye ngaLo.

179 UPetru, ngenkathi eMthatha eZwini laKhe, ngalobobusuku olwandle, waMbona phandle lapho, wayekade...noma lolosuku, kwakuyilo. Babekade bedoba ubusuku bonke, futhi babengabambanga lutho, bedoba ngenetha beya emuva naphambili. Leso yisikhathi esiqedana amandla, uma noma ubani engumdobi. Wadoba ngenetha ubusuku bonke, futhi wayengumdobi, naye. Uyise wayengumdobi. Wayekade esebe kulelochibikazi yonke impilo yakhe, nabazali bakhe nogogo nomkhulu wakhe baza kulelochibikazi. Futhi wayazi ukuthi uma inyanga yayikahle, nokuthi umoya wawuvunguza ngaphi, nawo onke amasayini. Futhi wayedobela ukuziphilisa. Ngakho wayedobe ubusuku bonke, futhi engabambanga lutho.



180 Base bethola-ke, ngosuku olulandelayo, ukuthi—ukuthi bathi lomProfethi wayezokhuluma, ezansi ogwini. Futhi sengathi ngiyabona, ezindlini zabo ezincane kuphuma abesifazane abancane, kanjalonjalo, behlela ukuzoMuzwa. Izixuku zaba zinkulu kakhulu, ukuzungeza ugu, Wadingeka aboleke lesisikebhe, nesikebhe sikaPetru. Ukuba baphume futhi bageze amanetha abo, futhi kungekho ngisho nenhlanzi eyodwa, futhi bawaphosela phezulu lapho; waphela amandla.

181 Futhi ngeziny'ikhathi ngalowomzuzwana wokuphela amandla, uma uzobhekisisa, kungaleyonkathi Afika khona. Kodwa ungaphuthheki ngokwenele ukuba ukugeje. Uyabo? Uma ubona yonke into yenzeka ngendlela eyiyo ezweni namhlanje, ungesabi. Uyabo? Ungesabi. Nje—nje khumbula, Wethembisa ukuza kuwe.

182 Futhi manje qaphelani ngenkathi Efika, Watshela uPetru, wathi, “Manje phosa ekujuleni bese wehlisela ukudonsa.”

183 UPetru wathi, “Mhlampe. Angikaze ngikubone lokhu kwenziwa ngaphambilini. A—angazi. Ngidobile, yonk'impilo yami, lapha. I—izibonakaliso, sisanda kuqeda nje ukudoba, ubusuku bonke, kulawomanzi afanayo. Futhi, nokho, kodwa akukho lutho. Asikathathi lutho. Kodwa ngeZwi laKho, Nkosi,” nakho, “Ngizoyehlisa inetha. IZwi laKho!”

184 Ungahle ukuba wedlule kuzo zonke izibhedlela. Mfowethu King, bangahle ukuba bathi uzofa. Bangahle ukuba bathi, dadewethu, lokhu, lokho, noma okunye. Angikhathali ukuthi bathini. “NgeZwi laKho, Nkosi, ngizoyehlisa inetha!”

185 Ngenkathi ebone leloZwi liqinisekiswa, ngenkathi uJesu emtshela okuthize, wakukholwa, futhi wehlisela lelonetha emanzini lapho okwakungekho-zinhlanzi khona. Kodwa, uma uNkulunkulu esho njalo, Wayengazibeka izinhlanzi lapho, ngokufanayo njengoba Wabeka amanzi ezibhakabhakeni.

186 Angabeka ukuphiliswa emzimbeni wakho, angikhathali uma kungekho lutho lapho. Wethemba Yena ukuwuvusa ngezinsuku zokugcina. “NgeZwi laKho, Nkosi, ngizolehlisa inetha.”

187 Kwamthonya kakhulu lowomdobi, waze washiya izinhlanzi nakho konke, wayeselandela uJesu. Kwakungukuthonya, ngenkathi eMthatha eZwini laKhe. Manje-ke Wenzani na?

“Awu,” wathi, “ngiyaKubonga, Nkosi, ngokudla okumnandi kwezinhlanzi.”

Wathi, “Shiya kanjalo amanetha akho. Kusukela emva kwalokhu uzobamba umuntu.” Umphostoli wangena emnyakazweni!

188 Ekugcineni, ekupheleni komgwaqo, ngenkathi beyombethela, bambulale, futhi wagijima waphuma emzini. Futhi esephumele emgwaqeni, njengoba umlando usitshela, wayebalekela ukuphila kwakhe, ephuma emzini, futhi

wahlangana noJesu ebuya. Wathi, “Uyaphi Simoni, na?” Noma, uSimoni wathi kuYe, “Uyaphi, Nkosi na?”

<sup>189</sup> Wathi, “Ngibuyela emzini ukuba ngibethelwe futhi.”

<sup>190</sup> USimoni wajika wayesebuyela emuva. Futhi ngenkathi bemthola, wathi, ninga. . . Bamkhweza esiphambanweni. Wathi, “Ningangiphanyeki kanjalo. Ikhanda lami libhekiseni phansi, nezinyawo zami zibheke phezulu!”

<sup>191</sup> Wayethonyekile ngenkathi ebone uJesu evukile kwabafileyo; ethonyekele ukufa kwakhe, wathonyeka kunoma yini. Wangena emnyakazweni. Ukufa kwakungekwazi ngisho nokukumisa. Ukubethelwa kwakungenakukumisa. Wathonywa nguJesu.

<sup>192</sup> Impumputhe yaphiliswa. Bayitshela ukuba ithule, kodwa yalusabalalisa udumo lwaKhe ndawo zonke. Abantu bakubo bathi, manje, abapristi bathi, “Manje uma noma ubani ehamba futhi athamele leyomvuselelo, bazovele bafike nje bathathe amaphepha abo ebandla, yilokho kuphela.” Nobaba nomama babekwesaba lokho. Niyabo? Ngakho bathi. . .

Bayafika, bathi, “Ukuthole kanjani lomfana ukubona kwakhe na?”

Bathi, “Use—usekhulile; mbuzeni yena.” Babesaba.

Kodwa owayekade ephilisiwe wathonyeka. Amen.

<sup>193</sup> Wathi, “LoMuntu uyisoni. Mnike uNkulunkulu udumo! Asimazi loMuntu lapho evela khona. Akana—Akanazincwadi ezimchazayo. Asibambisani naYe. Asinalutho lokuzihlanganisa naYe. Asimazi lapho Evela khona. Siyazi ukuthi Uyisoni futhi—futhi uvela kudeveli.”

<sup>194</sup> Lomuntu wayenempendulo enhle yabo. Wathi, “Manje lena yinto exakile ngempela.” Wathi, “Manje, nina nifanele ukuba ngabaholi bezwe. NalowoMuntu unginika ukubona kwami, futhi nokho anazi lapho Evela khona.” Wathi, “Manje, noma ngabe Uyisoni, noma qha, ngeke nganitshela lokho. Kodwa lento yinye engiyaziyo, lapho ngake ngaba yimpumputhe, sengiyabona manje.”

<sup>195</sup> Wayekade ethonyekile. Wayengenandaba ukuma phambi kwabapristi noma yini. Wayekade ethonyekile. Abazali bakhe, ngisho nesimangaliso endodaneni yabo uqobo asibathonyanga, kodwa sayithonya yona.

<sup>196</sup> Abantu ePhentekoste, njengoba ngishilo ebusukwini bayizolo, nepholisi yabo yokuPhila okuPhakade, ngenkathi benyuka ukuyodonsa eyabo. . . imihlomulo kuKho. Qaphelani ngenkathi bethonyeka. Babekade bengcwele, bekade behlonipha ngokuthobeka phambi kukaNkulunkulu. Babekade bemboze ubuso babo ezintweni zezwe, nezinyawo zabo ngokuzithoba. Futhi ngenkathi bezwa aMandla kaNkulunkulu efika, njengoba ethenjiswa ngoJoweli, njengoba ethenjiswa ngabaprofethi, njengoba ethenjiswa nguJesu! “Nilinde phezulu lapho emzini

waseJerusalema nize nembathiswe aMandla avela Phezulu.” Kwathi nje lowoNkulunkulu, eMntwini kaMoya oNgcwele, angehlela phezu kwabo, bathonyeka. Babengenandaba ukuthi bangaki abantu ababahleka. Basho baphumela emgwaqeni, bediyazela njengomuntu odakiwe. Bathonywa nguMoya oNgcwele. Ungathonywa, nawe. Bama ngqo . . .

<sup>197</sup> Mbhekisiseni. Akahambanga ezungeza futhi asho olunye uhlobo lwesivumokholo. Wahamba waqonda ngqo wabuyela eZwini, wayesethi, “Nina madoda aseJerusalema, nina enakhileyo eJudiya, makwazeke lokhu kini, futhi nilalele amazwi ami. Laba kabadakiwe njengoba nicabanga, lokhu kuseyihora lesithathu lemini. Kodwa lokhu yiLokho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli, ‘Futhi kuyakuthi ngezinsuku zokugcina,’ usho uNkulunkulu, ‘Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama.’” Bathonywa yiZwi, ukuya eZwini. Belifanele lisenze ngendlela efanayo.

<sup>198</sup> Bangena emnyakazweni, yebo, ngenkathi isithembiso saKhe sigcwaliseka. Ngenkathi, babebonile ukuthi uJesu wabethembisa ukuthi Wayezothumela isithembiso sikaBaba phezu kwabo, uLuka 24:49, “Bhekani, Ngiyathuma isithembiso sikaBaba waMi phezu kwenu; kepha lindani.” Ukulinda akusho khona ukukhuleka, kusho nje ukulinda. *Ukulinda* kusho ukuthi “lindani.” “Lindani phezulu lapho emzini waseJerusalema nize nembathiswe aMandla avela Phezulu.” Futhi ngenkathi lokhu ukuthonya kukaMoya oNgcwele kushaya kubo, Kwabagcwalisa. Balibona iZwi, uJesu aalthembisa, waligcwalisa.

<sup>199</sup> Manje, ngiyamangala uma bekungathatha ukuthonya okufanayo phezu kwethu kulentambama na? Uma sibone Athembisa ukukwenza ngezinsuku zokugcina, kugcwalisekile, hlobo luni lokuthonya Ebelingasinika khona na? Ini? Kuphela esikubone kwenziwa ngalezizinsuku zokugcina bekufanele kusifake emnyakazweni. Impela bekufanele, ngenhlonipho yokuzithoba nokuzithoba.

<sup>200</sup> Ngaleya kwethunzi lokungabaza, ukusho okwenziwa eminyakeni engamashumi amathathu eyadlula, ngeNsika yoMlilo, eyathwetshulwa ngamakhamera. Ikhamera yeTexas yakini yayithwebula kungekudala. Ucwangingo lwesayense, wayiphosa yedlula kuzo zonke izinhlobo zocwaningo ababengaluthola, ngezinhloli i FBI. Ne...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . Yathwetshulwa eTexas, yenzelwa owaseTexas. Uma nibona isibonakaliso, singeke safakaziswa ngokuphikiswa. Siyiqiniso. Kodwa nizolikholwa iPhimbo elilandela isibonakaliso na? Isibonakaliso sifakazelwa ngokwesayense. Manje, ngoluny’usuku uma uJesu esebuya futhi ahlwithe abantu, yonke indlela abayiyo, kuyokwenziwa kwaziwe, futhi.

<sup>201</sup> Qaphelani, iNsika yoMlilo ibifanele isifake emnyakazweni, njengeNsika yoMlilo iqinisekisa isithembiso saYo sezinsuku zokugcina. UJesu wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu,” nalokho Ayezokwenza ngezinsuku zokugcina. Futhi Nangu, ngakho kokubili okwesayense nangokomoya, eZwini likufakazela, ukuthi Uvela kuNkulunkulu futhi usalokhu enguye. Usalokhu enguNkulunkulu, enzela isithembiso ngezinsuku zokugcina. Bekufanele kusifake emnyakazweni.

<sup>202</sup> Izibonakaliso zokuFika sesiseduze. UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka eSodoma, ngaphambi nje kokuba izwe lishiswe, izwe labeZizwe,” lokhu kuyobuya. Bekufanele kusithonye futhi kusifake emnyakazweni, nathi. Uma sibona iZwi ligcwaliseka, Alethembisa, bekufanele kusifake emnyakazweni.

<sup>203</sup> Thina, njengomprofethi, siwubonile umphumela wamahlelo aziphakamisile, elahlekelwa yindawo yawo. Ngifuna lokho kuzike ngokujule ngempela, ngoba ngingahle ngingaphindi neze ngikhulume kini. Kodwa, besilisa nabesifazane, mangisho lokhu, futhi ngikhulume kini ngesihle, kulentambama, eGameni likaJesu Kristu. Indoda acabanga ngokuhluzile, indoda angesilo iyembe elitashwe kakhulu, aqhele kakhulu kuNkulunkulu ngamasiko; ukuthi, alibonile ibandla lePentecostal, niyibonile iBaptisti, iMethodisti, nePresbyterian, nilibonile ibandla eliKatolika, lilahlekelwa yindawo yalo kuNkulunkulu, elahlekelwa ngukubambelela kwawo eZwini, ngenkathi evuma izivumokholo.

<sup>204</sup> Nga—ngake ngafakwa engxoxiswaneni ngumpristi, kungekudala, futhi wathi kimi, wathi, “Ngani, ngi...” Wangibuza ngento ethize, nalezizinto. Wathi, “Awu, ibandla eliKatolika lalivame ukukwenza lokho.”

<sup>205</sup> Ngathi, “Nini na? Ibandla eliKatolika lalingahleliwe iminyaka engamakhulu amathathu emva kokufa komphostoli wokugcina.”

Wathi, wathi, “Uzama ukuvivinya udaba lwakho ngeBhayibheli.”

Ngathi, “Lelo yiZwi.”

Wathi, “UNkulunkulu usebandleni laKhe.”

<sup>206</sup> Ngathi, “UNkulunkulu useZwini laKhe. Yonke enye into ayibe ngamanga, neyaKhe iyiqiniso.”

<sup>207</sup> Wayesethi, “Awu, leyo yiNcwadi nje i—iKatolika lasekuqaleni elayibhalayo.”

<sup>208</sup> Ngathi, “NgiyiKatolika lasekuqaleni-ke. Ngiyakukholwa nje Elakusho.” Angi... Ngathi manje-ke...

Wathi, “Awu, uyabo, sesiyibandla elikhulu kakhulu manje.”

209 Ngathi, “Pho nilahlekephi na? Kwenzekeni na? Uma ibandla lasekuqaleni lalikhitha odeveli, futhi lafakazisa ukuthi uJesu uyaphila phezu komhlaba, ngezibonakaliso zikamoya nezimanga; futhi lapha ninezinkulungwane zabanxuseli, bazo zonke izinhlobo zebesifazane abafileyo nabesilisa abafileyo, nayo yonk’into, benza abanxuseli. EBhayibhelini, uphapha wokuqala washo, ukuthi, ‘Akekho omunye umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu kodwa uMuntu uKristu Jesu.’”

210 Ukulahlekelwa ngukubambelela kwakho eZwini, futhi wemukela izivumokholo nokuziphakamisa ngentshumayelo yomuntu, sibabonile belahla ukubambelela kwabo ngoMoya oNgcwele omkhulu. Siwabonile amaPentecostal enza into efanayo. Futhi niyakubona. Uma behlela, bayafa. Ayikho indlela yokubuyela emuva; ayikaze ibekhona, futhi ayisoze yabakhona. UNkulunkulu uphambene nento. Iyisono ngempela. Wathi, ngezinsuku zokugcina Uyothi, “Phumani phakathi kwabo, bantu baMi, ukuba ningathinti izinto zabo ezingcolile; futhi Ngiyonamukela.”

211 NjengoUziya, wazama ukwenzani na? Wazama ukuthatha indawo yesikhundla esigcotshiwe, isikhundla sikaNkulunkulu esigcotshiwe. U-Uziya wazama ukuzithathela lelogunya, ngoba wayeyindoda enkulu.

212 Sizibonile lezizinhlangano ezizishoyo ziminyanisa ngokukhipha yonke into enguNkulunkulu, futhi zizama ukuthatha isikhundla seBandla, iBandla eligcotshiwe. Nangezivumokholo, sithole ukuthi zifile ekungakholweni, futhi azisophinde zivuke futhi. Ziyofela ekamu lochoko kanye nazo zonke ezinye.

213 Niyabona lapho na? Indoda, indoda ecabangayo, indoda ekholwa ngumBhalo iyakubona lokho. Uma uzalwa nguNkulunkulu, uyakubona. UNkulunkulu eyikhomba ngokucace kakhulu into, ukukuthonya. Njengoba sesishumayeke iviki lonke, nezinto, ukuthi kuzokwenzani, kuhehe ukunaka. Kuyakuthonya, ukubona lapho beye khona nokuthi kwenzekeni, bonke.

214 Uma behlela elinye, liyokwenza into efanayo. Kodwa awasayikubabikho amanye azo. Qhabo. Wona, sekuphelile manje. Isikhathi sesihambe kakhulu manje.

215 Balahlekelwe ukubambelela kwabo, ngokuvuma izivumokholo nezimfundiso ezenziwe ngumuntu. Bayesaba, beze nje futhi bame ngaLo. Niyabo?

216 NjengoUziya ezama ukuzithathela indawo ye—yesikhundla esigcotshiwe, ngoba wayengumfo omkhulu, umfo omkhulu. Futhi phakathi kwabantu bakaNkulunkulu akukho bafo abakhulu. Sonke singabantwana bakaNkulunkulu. UNkulunkulu unika ngamunye wethu into eyodwa ukuba siyenze, nanye into ukuba siyenze, lokho akusenzi ukuba

sibe ngcono kunoma ubani omunye umuntu. Nje kwenza uNkulunkulu adinge okunye okuningi esandleni sakho, yilokho kuphela.

<sup>217</sup> Manje imiphumela yombono onje pho, futhi siyavala. Siqale ukukhulekela abagulayo, emizuzwini embalwa. Manje imiphumela yombono onje pho. Yenzani imiphumela kulomprofethi na? Ngiyamangala ngomshumayeli, ngiyamangala ngomvangeli, noma umelusi? Bukani ukuthi mbono muni waLokhu okwenzekile, nokuthi uboneni, ukuthi kwakwenzekeni ku-Uziya ozishoyo. Futhi manje-ke, nakuba indoda enkulu uNkulunkulu ayeyihloniphile, into enkulu, bayibone ifile. Miphumela mini owaba nayo kulomprofethi na?

<sup>218</sup> Nakhu owakwenza. Wambangela ukuba azivumele yena ukuthi uyisoni ngokuzihlanganisa nokunjalo. Wavuma, “Ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi kade ngihlala phakathi kwabantu abanezindebe ezingcolile.” Bemenza i con- . . . umprofethi, hhayi umshumayeli. Umprofethi wavuma ukuthi wayengumuntu oyisoni, ngoba wayekade ezihlanganisa nokunjalo.

<sup>219</sup> Kwase kuba yini-ke na? Ngenkathi evuma izono zakhe, bese-ke kuza ukuhlanzwa. O, ungeke wahlanzeka esonweni sakho uze ukuba usuvumile ukuthi yisono, uze uqonde ukuthi yisono. Bese-ke kuza ukuhlanzwa, wathi nje angathi, “Maye kimi, ngokuba amehlo ami abonile ukuqinisekisa kukaNkulunkulu omkhulu. IziNgelosi, aBashisi, abaNikeli bemihlatshelo balapha, nezinsika iyathuthumela ngePhimbo laBo, futhi nampa Balapha kulombono, bendiza beya emuva naphambili.” Wayebone into engeyangempela. Umbono wawehlile. Wathi, “Ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi phakathi kwabantu abazindebe zabo zingcolile.” Wathi, wakhalela isihawu futhi wazibiza ngesoni.

<sup>220</sup> Kwase kwenzekani-ke? Elinye lamaKherubi laya ngale ealtare, lase lithatha izindlawu lase licosha ilahle elivuthayo, lase lilibeka esandleni saLo. Lingasaliphethe ngodlawu manje; lacosha ilahle, lalibeka esandleni saLo, lase lifika lase lilibeka ezindebeni zomprofethi, lase lithi, “Ububi bakho . . .”

<sup>221</sup> Ububi, yini ububi na? Ububi yinto owaziyo ukuthi ayilungile, futhi ube usalokhu ubambelele kuyo. Nxa wazi ukuthi izivumokholo zakho azilungile, futhi ube usalokhu ubambelele kuso, lobo ngububi.

<sup>222</sup> Kodwa ngenkathi evuma ukuthi wayenephutha, kwaba namandla okuhlanza. Wathatha ilahle loMlilo. Niqaphelile ukuthi uNkulunkulu wenza kanjani . . .

<sup>223</sup> Siyabona ukuthi uNkulunkulu wazibeka kanjani izinceku zaKhe ngokuhlelekile, nokuthi Wamqinisa ngani; wayengakwenza kanjani, engethobile, enokuhlonipha ngokuzithoba, futhi azifake emnyakazweni.

224 Bhekisisani, ngenkathi Ehlanza inceku, Akazange akwenze ngekhholiji. Akazange akwenze ngequlwana lezincwadi. Siyathola lapha ukuthi uNkulunkulu uhlanza izinceku zaKhe ngoMlilo. Ilahle loMlilo lathinta umprofethi, lahlanza izindebe zakhe. UNkulunkulu uhlanza izinceku zaKhe ngoMlilo waKhe oNgcwele. Hhayi ngezincwadi, hhayi ngemfundo, isayense yezenkolo; kodwa Wahlanza inceku yaKhe ngoMlilo.

225 Kwase kuthi-ke wathi angavuma futhi wahlanzwa, kwase-ke kulandela ukuthunywa. Kuqala wadingeka avume, wase-ke edingeka ukuba ahlanzwe, futhi manje sekungukuthunywa. Kwaba ngaleyonkathi-ke ukuthi uIsaya owayesehlanziwe wamezema. . . Ngenkathi ezwa iPhimbo likaNkulunkulu, lathi, “Ngubani oyakuSiyela na?”

226 Bukani emuva emlandwini, uma nifunda lokhu, uma seniya ekhaya, ukuthi kwenzekani kuIsrayeli. Wayethole efanayo (kuphi) indawo esiyiyo. Babebize. . . Yonke imihlatshelo yabo nezinto kwase kuphenduke isiko kubo. Kwakungekho buqotho. Abalihloniphanga iZwi likaNkulunkulu. Lokho kwaba ngenkathi uNkulunkulu evusa uIsaya, ukuba amtshela ukuthi lemihlatshele yayinuka ekhaleni laKhe. Wayengayifuni. Yayiyihlamba kuYe, manje-ke Akabange esafuna ukuzihlanganisa ngalutho nabo. Futhi ngenkathi. . . LoIsaya wahlanzwa futhi walungela ukuyoshumayela iVangeli ngaleyonkathi.

227 NePhimbo likaNkulunkulu lathi, “Manje kunesidingo. Lezizinto zizofanele zishiwo.” NePhimbo elilodwa lathi kwelinye, iziNgelosi zindiza, zathi, “Ngubani oyakuSiyela na?”

228 Kwase kuthi-ke uIsaya, nenhliziyo ehlanzekile; wahlanzwa, wavuma, wahlanzwa futhi wathunywa, umbono; wathi, “Nangu mina, Nkosi, ngithume mina. Ngithume mina. Nangu mina, ngithume mina.”

229 Nkulunkulu, thumela iziNgelosi zaKho ezingcwele futhi namhlanje. Thola uIsaya waKho ndawondawo, umkhuleko wami. A—angi. . . Ngiyakusho nje lokhu ngoba ngiyazi ukuthi Ulapha.

Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi,  
Limenza ahlanzeke ngokuhlanzeka konke,  
Lapho iPhimbo likaNkulunkulu lithi,  
“Ngubani oyakuSiyela na?”  
Khona waphendula, “Nkosi, nangu mina,  
ngithume mina.”

230 Wayengasesabi-ke ngeZwi. Wayengumprofethi; iZwi lalikwazi ukuza kuye. Waye. . . Konke okokungakholwa kwakhe namasiko kwakungasekho. Wayesekwazi ukuma phambi kwalowonyaka wamasiko, futhi abatshela, “Imihlatshelo yenu uyanuka ekhaleni likaNkulunkulu. Futhi yena impela loNkulunkulu enizisho ukuthi niyamkhonza, uzonibhubhisa.”

Yilokho Akusho. “UNkulunkulu enizisho ukuthi niyamkhonza, uzonibhubhisa,” futhi Wakwenza.

Bathi, “Isibonakaliso!”

Wathi, “Ngizoninika isibonakaliso esikhulu; intombi iyakukhulelwa.”

<sup>231</sup> UIsaya waloba izahluko ezingamashumi ayisithupha-nesithupha eNcwadini yakhe, futhi kuneziNcwadi ezingamashumi ayisithupha-nesithupha eBhayibheli. Usuka aqale ngokuqala kokudaliweyo, bese ephetha esikhathini seminyaka eyiNkulungwane njengoba nje kwenza lonke iBhayibheli.

<sup>232</sup> Lowomprofethi omkhulu kaNkulunkulu, owayevuma ukuvuma ukuthi onke amasiko abo laliliphutha; futhi wehlela lapho wayesethola ukuhlanzwa, futhi ukuze iZwi likaNkulunkulu likwazi ukuza kuye. Wayesethike, “Sengikulungele ukuhamba, Nkosi. Sengikulungele. Ngizokhuluma Othi angikukhulume. Ngizosh othi angikusho.” Wayesekulungele ukuhamba.

<sup>233</sup> Nkulunkulu, leth a iziNgelosi futhi, kulentambama, uMoya oNgewe le noMlilo, futhi uhlanze izinhliziy o zabafowethu, ndawo zonke. Kwangathi zingaba yizithonyo ezinjalo kuze kuthi abanye bezobona futhi bafune ukulandela, nabo.

<sup>234</sup> Asikhothamise amakhanda ethu. Ngokuthula:

Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi,  
Limenza mhlophe qwa,  
Lapho iPhimbo likaNkulunkulu lithi,  
“Ngubani oyakuSiyela na?”  
Khona waphendula, “Nkosi, nangu, ngithume mina.”

Ngokuthula manje, sonke kanyekanye.

Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngiyoshesha ukuKuphendula;  
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngiyophendula, “Nkosi,  
ngithume mina.”

Izigidi manje zifela esonweni nasehlazweni;  
Lalela ekukhaleni kwabo okulusizi  
nokumuncu;  
Shesha, mfowethu, shesha ubophule;  
Ngokushesha phendula, “Nkosi, nangu mina.”

Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngiyoshesha ukuKuphendula;  
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngiyophendula, “Nkosi,  
ngithume mina.”



<sup>235</sup> Asilihamishe, ngokuthula. [UMfowethu Branham uqala ehamisha ukuthi *Khuluma, Nkosi Yami—Umhl.*] Asehlele ethempelini manje.

Lalela ekukhaleni kwabo okulusizi nokumuncu; (O, mfowethu, woza nami, ungeze na?)

Shesha, mfowethu, shesha ubophule; (Abazi ukuthi hlelo lini, abakulo, noma lutho)

Ngokushesha phendula, “Nkosi, nangu mina.”

Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami, (boIsaya, nikhona na?)

. . . futhi ngiyoshesha ukuKuphendula, Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami, Khuluma, futhi ngiyophendula, “Nkosi, ngithume mina.”

<sup>236</sup> Ngiyamangala, amakhanda enu ekhotheme nezinhliziyo zenu zikhothome, Isaya, ukuphi na? Ungasiphakamisa isandla sakho, futhi uthi, “Nkosi, nangu mina, ngithume mina. Sengilungele”? UNkulunkulu akubusise. Manje kusho ngempela. Amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye ezethameli.

Khuluma, Nkosi yami, Khuluma, futhi ngiyophendula, “Nkosi, ngithume mina.”

<sup>237</sup> Bukani, befundisi, wena ophakamise isandla sakho. Bukani abesifazane bethu, odadewethu, ihlazo elinje pho! Chi, chi, chi, chi, chi, chi! Bukani abesilisa bethu, bacabanga kakhulu ngenhlangano kunoma benza ngeZwi likaNkulunkulu. UJesu Kristu ezifakazela Yena uqobo phakathi kwabo, futhi wona impela nje umBhalo ungozaciswe kakhulu futhi wenziwa waziwa, futhi nokho bayolenga kukho ngqo. Mfowethu!

<sup>238</sup> Omunye uthi, “Awu, ngingeke ngaba nalutho. Ngi—ngi . . . ukuthi ba . . . ayikho enye indawo ebengingaya kuyo.”

<sup>239</sup> Mfowethu, ukuba ngangidingeke ngidle amakhekhe kasoda futhi ngiphuze amanzi engatsha, ngiyohlala neNkosi yami. Ingukuphila kwami. Iyisinkwa sami. Nicabanga ukuthi ngenza lokhu ukuba ngehluka na? Ngenza lokhu ngoba ngiyaYithanda, ngoba ngukuthunywa kwami. Ngimi ngapha nangapha, naYo, naleloZwi!

O, khuluma, futhi ngiyophendula, “Nkosi, ngithume mina.”

<sup>240</sup> Baba waseZulwini, njengoba umnyuziki udlala kamnandi, kwangathi wonke umuntu oseBukhoneni bobuNkulunkulu, Nkosi, angabona ukuthi lesi yisikhathi sobizo. Yi—yisikhathi sokwehlukana, lapho amakhoba no—nokolo kuzohlukaniswa

khona. Nakuba u—ukolo ubusongelwe emakhobeni, kodwa manje sekuyisikhathi sokubizwa. Ngolunye ufuduko.

<sup>241</sup> Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, njengoba ukuKhanya okukhulu kweNdodana sekuvuthwise uhlamvu lwazo zonke izigaba zokuPhila kwawo, kusukela ngesikhathi. . . NjengaseCanada manje, nxa ukolo usanda kumila nje, lelolanga elishisayo likaJulayi belingawubulala khona manje, kodwa uzovuthwa ngokwendlela imvelo eletha ngayo ilanga phezu kwawo. Yenzenjalo neNdodana eshisayo phezu kwemfundiso kaLuther, uWesley nabo bonke abanye babo, Liyishisa yehle, kodwa lingelokuvuthisa ukolo. Ufanele ngabe usuvuthiwe, Nkosi, njengoba nje Umila.

<sup>242</sup> Kodwa, khumbulani, onke amatatsha lathenwa, nesihlahla soMlobokazi siphuma ngqo esenta. “Ngiyakubuyisela, futhi, yonke iminyaka isibotho, inkasa,” isilokazana esifanayo, kuphela ezigabeni ezehlukene, “okudliwe. Ngiyakukubuyisela,” ISHO INKOSI. Futhi Uzokwenza, Nkosi. Wakwethembisa. Ngikhulekela ukuthi Uzokwenza kuyo yonke inhliziyi kulentambama.

<sup>243</sup> BangabaKho, Nkosi. Ngibanikela kuWe manje. Futhi ngingahle ngingababoni neze. Uma bengingabuya, unyaka kusukela namhlanje, kunabaningi abahlezi lapha, uma ngiphila, abayikuba khona. Akungabazeki, lesisixuku esingaka, ngesikhathi esilandelayo ngihlangana nabo ekwaHlulelweni. Babonise, Nkosi. Bavulise amehlo abo, uma kukhona. . . futhi babone.

<sup>244</sup> Bonke laba eteyipini, Nkosi, olalele iPhimbo lalesisikhathi, izilimi eziningi ezehlukene, zize zihunyushwe, kwangathi bangaqonda. Kwangathi abesilisa nabesifazane, ezindlini ezincane, naphandle emenweni eAfrika, naleyomishini emincane namashubhu ezindlebeni zabo, kwangathi bangezwa, Nkosi, bezwe. Sipe khona. Isithunywa senkolo sasiqinisile kulokho esakusho, kodwa lobu ngubufakazi obukhulu kunalobo esasinabo. Sesilungele manje. Sizwe, Baba. Sikunikela konke kuWe, eGameni likaJesusu Kristu, iNdodana yaKho, nangokubizwa koMlobokazi waKhe. Amen.

<sup>245</sup> Manje, mfowethu, dadewethu, sizokhulekela abagulayo, ngamunye wenu ophakamisa isandla sakho. A—angikwazi ukuninika khona. Ukuba benginganinika khona, bengingakwenza. Impela, bengi—ngingehlela ngqo lapho futhi ngithi, “Lapha, niyakufuna na? Ng—ngizoba nakho.” Akusikho okwami ukukunikeza. NguNkulunkulu, noNkulunkulu uzokupha khona uma kunokulamba enhliziyweni yakho.

<sup>246</sup> Ngaphambi kokuba kubekhona ukubizelwa kokujulile kuzofanele kube khona ukujula ukuba kusabele kulolobizo. Ngaphambi kokuba kubekhona okudaliweyo, kuzofanele kube khona uMdali ukudala lokho okudaliweyo.

247 Niyazi kunento ethize lapho ofinyelela kuyo; kuzofanele kube nento ethize phandle lapho ukuba isabele kulolobizo. Ningekwemukele manje na? Ningakuvumeli kufe. Sizani ningakuvumeli. Uma ngingasaphindi neze ngingibone nganeno kokwaHlulelwa, kwangathi nginganibona Laphaya, nigeziwe futhi nilungele. Umkhuleko wami!

248 Manje uNkulunkulu kaAbrahama, uIsaka, noJakobe, Owabonakala emhlabeni ngesimo soMuntu, iNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu; Owahlupheka phansi kukaPonti Pilatu, wabethelwa, wembelwa, wavuka ngosuku lwesithathu; wayesenyukela eZulwini, lapho Ehlezi khona manje ngakwesokunene soMkhulu; ebuye ethuma uMoya owawuphezu kwaKhe, owawubizwa ngoMoya oNgcwele, uNkulunkulu, phezu, ukuba uze phezu kwesintu, ukuhlanganyela, ukuqhuba inkonzo eyayiqhutshwa kulowomzimba wenkazimulo kaKristu. Ngokungathi. . . ukuba uze njengoba isivivane silolongwe saya phezulu, *kanjalo*, itshe eliyiNhloko alizange libekwe phezu kwaso. Ngani na? Lenqatshwa.

249 Manje, phansi le, iBandla njalanjalo beliza engcosaneni ngesibalo, selikhuphuke lenyuka manje sekuze kwathi yonke iminyaka yebandla waphela. Lifanele liloleke. Lelotshe lizofanele lenele phakathi ngqo. Inkonzo eyayikuJesu Kristu izofanele ibe seBandleni laKhe, ukwenza uKristu azele iBandla, ukuvusa yonke iminyaka, ukuletha Yena, ukukukhipha.

250 Njengokolo nje. Ukolo uzofanele uze uyothi ngqu emuva, lapho uqala ukuvuthwa, usukela ohlamvini lapho owabola khona, wafa, futhi uphume futhi ulokhu ukhula usuka otshanini uyongena kwenye into ethize. Ungeke wabuyela otshanini. Ungakhombi emuva otshanini. Ungakhombi emuva *kulokhu*. Ungakhombi emuva esithungwini. Yenyuka uze ufike kukolo. Nokolo uzofanele ube luhlobo olufanayo lukakolo owangena emhlabathini, uma uvuthwa. UJesu uvuswa kwabafileyo. Uyavuthwa manje. Futhi Uvuthwa eBandleni laKhe, ngokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; ngalababaguquli ngezinsuku zasekuqaleni, manje Nangu usemhlabeni namhlanje kubantu baKhe. Mkhholweni. Ulapa.

251 Nje ukuze nikwazi ukuMbona, (kungahle kube yizihambi), kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angakuhlonipha engikushilo ngaYe. Manje ngifuna nina ezethamelini, ngiyacela, akungabe kusaphuma-muntu. Nje nikani uNkulunkulu waseZulwini lenhlonipho engaka, ukuba nje nihlale umzuzwana. Manje ninganyakazi. Makuthi wonke umuntu phakathi lapha, ogulayo noma odingayo, phakamisa isandla sakho. Noma ni. . . Kulungile. Ngiyabonga. Manje, angazi. . .

252 Ngiyamazi uMfowethu King, ehlezi khona lapha. Ngisanda kumkhumbula nje, emizuzwini embalwa nje edlule. Ngineqiniso.

Ngicabanga ukuthi nguye lowo, nguMfowethu King ehlezi lapho. Waxhasa umhlangano wami wokugcina lapha. Mfowethu King, ngeke ngakusho engifuna ukukusho, kodwa uyazi ngiyazi engifuna ukukusho. Kade usesigayweni, mfowethu omncane. UNkulunkulu akuhawukele.

<sup>253</sup> Abanye, angazi. Ngisambona uPat Tyler ehlezi lapha. Ngicabanga ukuthi yiyona ndoda kuphela endlini, noma nguyena kuphela owesifazane, noma yini engazi noma yini, yilendoda, uPat Tyler, ehlezi lapha.

<sup>254</sup> Kholwani manje. Futhi uma ngiyisithunywa sikaNkulunkulu, futhi uma uNkulunkulu eba lapha, futhi ngilikhombile iZwi laKhe ukuthi liyiQiniso; khona-ke makuthi uNkulunkulu waseZulwini, Owavusa iNdodana yaKhe, uJesu Kristu, Owenza lezizithembiso, akasikhombe nani, ukuthi ngikhulume iQiniso.

<sup>255</sup> Ubengakwenza kanjani na? Hhayi ngokuza egqoke ingubo ende, nentshebe. Kodwa ukuPhila kwaKhe, “Mina ngingumVini, nina ningamagatsha.” UkuPhila okusemVinini kusegatsheni. “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza,” futhi wakwethembisa ngalolusuku, nxa igatsha elilandelayo livela. Sinenqwaba yamagatsha afakelwe; impela, liyothela isithelo, kodwa hhayi loluhlobo lwesithelo. O, qhabo.

<sup>256</sup> Ngibone isihlahla ePhoenix, kungekudala, sasinezithelo ezehlukene eziyisishiyagalombili noma isishiyagalolunye kuso. UMfowethu John Sharrit ngesakhe. Ngathi, “Nhloboni yesihlahla leyo na?”

Wathi, “Yisihlahla sama olintshi, Mfowethu Branham.”

<sup>257</sup> “Ngani,” ngathi, “kunamalamula nophaphamuzi no-nohlobo lwama olintshi amatanjelo, namatanjarini.”

<sup>258</sup> Wayesethi, “Yebo, konke kuyizithelo ezisama olintshi.” Wathi, “Ngazifakela phakathi lapho.”

<sup>259</sup> “O,” ngathi, “Ngiyabona. Manje, ngonyaka ozayo, zonke ziyoba ngama olintshi na?”

<sup>260</sup> Wathi, “O, qhabo. Hhe-e! Qhabo. Ngonyaka ozayo u—ulamula uyoba ngulamula, u—uphaphamuzi uyothela uphaphamuzi.”

<sup>261</sup> Ngathi, “Esisuka kulowomvini ofanayo na? Esisuka kulowo ofanayo, esisuka—esisuka esihlahleni sama olintshi na?”

<sup>262</sup> Wathi, “Yebo. Zonke ziyisithelo ezisama olintshi, Mfowethu Branham. Siyophila ngesithelo ezisama olintshi.”

<sup>263</sup> Ngase-ke ngizwa izinyembezi zigeleza ezihlathini zami. Ngathi, “Nkosi Jesu, sengiyazi ukuthi Uqondeni manje.” Nakho. Lamahlelo azifakele wona phakathi, kodwa athela isithelo sehlelo.

264 Lalelani. Uma lelogatsha langempela like laze lathela, umVini wangempela uveze elinye igatsha, liyoba ngelasekuqaleni. Kukholwe.

265 [Udade uqala ukukhuluma ngoluny'ulimi—Umhl.] Sh-sh-sh-sh-sh! [Uyaqhubeka futhi uyaqeda. Umfowethu unikeza incazo.] Ayibongwe iNkosi. Ukuthi ikwethembise kanjani!

266 Manje wonk'umuntu ahloniphe ngokuzithoba ngempela. Ngizoma lapha nje futhi ngicele iNkosi uJesu.

267 Lesi yisiphiwo. Yini isiphiwo na? Ukuthi uma ngingagudluza ukucabanga kwami uqobo, ngingagudluza ukuphila kwami uqobo kimi, ukuphila kwami—kwami kwemvelo, umphefumulo wami, lowo nguWilliam Branham; uma ngingamkhipha endleleni, uNkulunkulu uzosebenzisa umoya, umzimba ukuba ukhulume.

268 UMoya oNgcwele mawuze manje, Nkosi, ukuze babone, ngezidalwa ezingabantu, ukuthi uMoya oNgcwele okhonjiwe ulapha. Isiphiwo ukuba uzitholele wena, indlela . . .

Wonk'umuntu ahloniphe ngokuzithoba ngempela. Hlalani nithule.

269 Indoda nje ihlezi qekelele lapha. Manje ngifuna nonke niphakamise amakhanda enu futhi nibuke umzuzu nje. Niyakubona Lokho khona lapha phezu kwalendoda na? UkuKhanya, ukuKhanya okuphuzi, kuvutha, kuzungeza lokhu. Bangaki ababone isithombe saKho na? Sathweshulwa lapha eHouston. Niyabo? SiseWashington, DC, emhlabeni wonke jikelele. UBukhona obungaphezu kwemvelo kuphela obake bathweshulwa, ezweni lonke. NaKhu khona lapha manje.

270 Ngithatha bonke omoya abaphakathi lapha babe phansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu.

271 Lendoda iphethwe yinkathazo yendlala emphinjeni wayo. Angiyazi, angikaze ngiyibone empilweni yami, kodwa lelo yiqiniso. Akunjalo lokho, mnumzane na? Usuyakholwa manje na? Indoda emuva lapho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzongazisa ngawe na? UnguMnu. Hall. Lelo yigama lakho, akusilo na? Kulungile, mnumzane. Sekuphelile manje. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

272 Bengingabiza umugqa womkhuleko, futhi ngibenyusele lapha emsamo. Asikho isidingo sakho. Asithathe olunye lwalezizinhla lapha, ndawondawo. Lapha, siqale khona lapha. Nansi intombazanyana ihlezi lapha. Buka ngapha, s'thandwa. Kungahle kungabikho okungalungile kuwe, angazi. Kodwa ukuthi nje, esikhundleni somugqa womkhuleko wenyukela lapha, asiwehlisele lapha.

273 Buka lapha, s'thandwa. Buka uMfowethu Branham. Ngezinsuku ngenkathi uJesu elapha emhlabeni . . . Yebo, iyagula. Igula kanzima, lowomntwana lapho. Yebo, mnumzane. Ukuba

uJesu ubelapha, Ubengakutshela ukuthi yini ebingalungile kuwe, Ubengeke na? Uyakholwa ukuthi uJesu wathuma uMfowethu Branham ukuba akwenze na? Uma ngikutshela ukuthi yini engalungile kuwe, uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa na? Yisifo sikashukela, lowomntwana omncane. Ayikho indlela ezweni ukuba siphiliswe ngaphandle kukaNkulunkulu. Uyakholwa, s'thandwa na?

<sup>274</sup> Manje inenekazi elihlezi eceleni, eliphakamisele isandla phezulu, lowo ngumama kumntwana. Kunjalo. Beka isandla sakho phezulu kwakhe, dade. Kholwa manje. UNkulunkulu waletha lowomntwana kuwe. Kwangathi iNkosi ingamupha ukuphiliswa.

<sup>275</sup> Lelinenekazi elilandelayo, lihlezi eceleni kukamama lapho. Buka lapha kimi, nenekazi. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, inceku kaNkulunkulu na? Uma uNkulunkulu ezongitshela into ethize empilweni yakho, noma ukuthi ufunani, uma ugula, noma awuguli, kumbe noma ngabe kuyini; uma uNkulunkulu ezongitshela izifiso zakho, uzokholwa na? Noma into efana naleyo, angazi ukuthi Uzokwenzani, ubungakukholwa na? Uyazi ukuthi bekuzofanele kube nguJesu Kristu.

<sup>276</sup> Uqhele kude le kimi. Ubungeke ungithinte ukuba ubungadingeka ukwenze; ngoba, uma uthinte mina, bekuzoba ngokomzimba. Uzo fanele uthinte uMoya. UMoya nguKristu. "UngumPristi oMkhulu manje," iBhayibheli lithi, "onokuzwelana nobuthakathaka bethu."

<sup>277</sup> Uyagula, nawe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Uphethwe yinkathazo yeqolo, nebhiphi, futhi u-unebhiphi, futhi unenkathazo yenhliziyo. Kunjalo impela. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Lokho kunjalo. Uyakholwa manje na?

<sup>278</sup> Wena-ke nengalo yakho imgaxile lapho na? Inenekazi ngapha, buka lapha. Uya... Ngiyisihambi kuwe. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyangikholwa, ukuthi engikushilo kuyiQiniso, ukuthi ngikutshela iQiniso. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayembula kimi inkathazo yakho na? Noma ngabe yini, noma ngabe kuyini, uyakholwa ukuthi Ubengakwembula na? Ngempela akusiyilutho ofuna ukuyikhulekelwa. Unekhadi lomkhuleko, ngiyabona esandleni sakho; ungowokuqala onekhadi lomkhuleko. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ulithathele ini ikhadi lomkhuleko na? Ngelomyeni wakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile kumyeni wakho na? Uma uNkulunkulu engamthinti, uzofa. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Unomdlavuza futhi unenkathazo yamaphaphu. Kunjalo, akunjalo na? ["Yiqiniso lelo."] Ehhe.

Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Uma uzokholwa, bonke abanye bazokholwa, angaphiliswa.

<sup>279</sup> Leyondoda ehlezi eceleni kwakho, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, mnumzane na? Uma uNkulunkulu engembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho, uzokholwa-ke ngayo yonke inhliziyi yakho na? Uphethwe yinkathazo yenhliziyi. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ehhe. Kulungile.

<sup>280</sup> Inenekazi livele nje lanqekuzisa ikhanda lalo nalo uqobo, kanjalo, lihlezi eceleni kwakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inhliziyi yakho, noma into ethize oyifisayo enhliziyweni yakho, noma into ethize, ukhulekela omunye umuntu na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengayembula kimi ugqobo luselapha, futhi singaKubona futhi sibone ukuthi Kuzofanele kube yinto eyiyi ngempela na? Kwembula izimfihlo zenhliziyi, kusho ini, njengoJesu nje wathshela owesifazane emthonjeni. Manje nawe uyagula. Wena, uphethwe yinkathazo yeqolo. Eyakho iseqolo lakho. Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Ehhe.

<sup>281</sup> Manje inenekazi eceleni kwalo, elikhala izinyembezi, nesikhwama sakho semali sisephaketheni lakho, ugqoke ingubo el'hlaza s'bhakabhaka, izinwele ezimnyama, uqatha. Ngibuke. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Buka lapha. Uyabo, usohlwini olungaphambili, ngingaxhumana nawe kalula, ngosizo lukaNkulunkulu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho, njengokungathi nje ubusemgqeni womkhuleko na? Uyakholwa ukuthi lokho bekungaba njalo, ukusuka lapha na? Uyakholwa na? Unebhiphi ophethwe yiyo. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Kholwa, futhi ungaphiliswa.

<sup>282</sup> Inenekazi eliseceleni kwalo. Ucabangani, dade na? Bheka ngapha, kimi. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma inceku yaKhe na? Uyakwenza lokho, ngayo yonke inhliziyi yakho na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angachaza kimi, njengowesifazane emthonjeni, ngenkathi uJesu nowesifazane behlangana ndawonye, ukuthi ubengangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Uyakholwa na? Bekungakusiza, bekungakusiza ukuba ukholwe na? Buka. O, unento enzima. Yindodana, umfana. Ehhe. Nalowomfana unokuguliswa yimizwa yengqondo. Usekhaya. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, umfana uzosinda. Kholwa.

<sup>283</sup> Inenekazi elilandelayo lapho. Uyakholwa, dade, ngayo yonke inhliziyi yakho na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi nguJesu Kristu, ngesiphiwo nje esi. . .

284 Ukuprofetha kuyisiphiwo. Niyazi, isiphiwo sikaNkulunkulu, simiselwe le emuva ngaphambi kokuba izwe liqale. Sasimele simiselwe lolusuku. Awunandlela yokwazi ukuthi yini ini. UNkulunkulu uyakukhomba nje futhi uhumusha iZwi laKhe.

285 Uyakukholwa lokho ukuthi kunjalo, okuzwile na? Uyakholwa ukuthi benginga. . . Uma bengingakutshela ukuthi yini ebingalungile, uyazi bekungebe yimi. Bekuzoba ngoMunye; iphimbo lami nje, kodwa omuny'uMuntu elisebenzisa. Njengalemayikrofoni nje, ithule kuze kukhulume umuntu ngayo. Siyizihambi. Niyabo? Ngilahle icont- . . .

286 Nanti. Yebo, mnumzane. Inenekazi liphethwe yisimo sokuntuleka kwegazi. Kusegazini lalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi. Kunjalo. Wena, ukhulekela futhi lomfo omncane osekugcineni. Leyo yindodana yakho encane ehlezi lapho ekugcineni. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Uma uNkulunkulu engangitshela ukuthi yini engalungile ngendodana yakho encane, uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho ukuthi uNkulunkulu ukhuluma kimi, nalokho kuqinisile na? Uphethwe yisimo semizwa esibi kakhulu. Kunjalo. Lokho akunjalo na? Manje-ke beka isandla sakho phezu kwakhe, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho, futhi uzosinda.

287 Ngikuphosela inselelo ukuba ukukholwe! ISHO KANJE INKOSI UNKULUNKULU. Texas, uma ufela esonweni, ufa ngaphandle kwegazi lami phezu kwakho. Khumbula, igazi lakho alikho phezu kwami. Nanto iQiniso! Lowo nguJesu Kristu ekhonjiwe, imigqa yemikhuleko, noma ngabe kukuphi. Kholwa eNkosini uJesu Kristu! Uyakwenza na? Ukholisekile, ukholisisekile ukuthi kuzofanele kube nguJesu Kristu ngokweZwi lesithembiso lolusuku na? Phakamisani izandla zenu, wonk'umuntu okholisisekile ukuthi yiNkosi uJesu Kristu. Amen. UNkulunkulu anibusise.

288 Ngiyazi nifundisiwe. Nifundisiwe, ngamunye wenu, into ethize. Futhi ngiyabona yi—yi. . . gcobeke kakhulu, kungaya ngapha nangapha ndawo zonke manje, niyabo. Nifundisiwe ukuthi nifanele nibeke izandla phezu kwabagulayo. Lelo yisiko. Lilungile. UJesu walivumela.

289 Kodwa lowomRoma, yilokho ebengizama ukunitholela khona, kuleliviki. "Angifanele," kwasho umRoma, "ukuba Uze phansi kophahla lwami. Khuluma izwi nje!" Niyabo?

290 Uma umuntu mumbe ebeka izandla phezu kwakho, manje-ke, "UMfowethu *S'bani-bani* wangibeka izandla, udumo kuNkulunkulu!"

291 Ngi—ngi—ngizocela abefundisi, abefundisi abakholwayo ukuba beze lapha, ukuze nje kungabi yizandla zami. Ku—



kuyilokho nje okwashiwo nguJesu, “Bayobeka izandla phezu kwabagulayo.”

<sup>292</sup> Sizokhulekela abagulayo, bonke. Bangaki onamakhadi omkhuleko, kuphumele endlini yonke, lapho asibone izandla zenu. Ya, sinethembisile, manje sinohhafu wehora ukulungisa lokho. Ngizocela . . .

<sup>293</sup> Singakwenza kanjani lokhu, Mfowethu Pearry. Unazo iziphakamiso na? Kusukela ngakulelicala *ngapha*?

<sup>294</sup> Makuthi *loluhla* lapha ngaphandle, olunamakhadi omkhuleko, lume luncike udonga, luphumele *ngapho* bese lusukuma luncike udonga. [Umfowethu ukhuluma kuMfowethu Branham ngomugqa womkhuleko—Umhl.] Kulungile, mnumzane. Lokho kuhle. Yimani ngale ngakulelocala.

<sup>295</sup> Bonke kusukela kuleliphakathi nendawo lapha, kusukela . . . manje yimani esikhaleni sezihlalo, niyabo. Yimani esikhaleni sezihlalo nje, labo okulesisikhala sezihlalo, lelimaphakathi lapha, yimani ngaphandle esikhaleni sezihlalo.

<sup>296</sup> Labo *kulelocala*, yimani *kulelocala*. Labo abaphakathi lapha, sukumani lapha maphakathi, *kulelicala*. Nalabo abangakulelocala, nime phakathi lapho. Futhi nje nilandele imigqa yenu nedlule lapho beza. Nakho-ke. Bazoba phansi lapho beniyalela ukuthi anenzeni.

<sup>297</sup> Ngiyabuza . . . Lokhu kulungile, Mfowethu Pearry na? [UMfowethu Pearry Green uthi, “Impela.”—Umhl.] Ngicela abefundisi abakholelwa kuKristu, ukuthi uKristu uzophilisa lababantu abagulayo ngokubekwa kwezandla nokulandela imiyalo yaKhe, nginicela ukuba nize lapha bese nima nami uma nikukholwa lokhu ukuthi kuyiQiniso. Noma yimuphi umfundisi weVangeli, uma uyiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, umpriisti oyiKatolika, noma ngabe ungubani; uma ukholwa ukuthi uJesu Kristu uphilisa abagulayo, futhi uthume abafundi baKhe ukuba babeke izandla phezu kwabagulayo, kokuphiliswa kwabo, nizoza lapha na?

<sup>298</sup> [Umfowethu uthi, “Tshela wonk’umuntu ukuba aye ngemuva.” UMfowethu Pearry Green uthi, “Wonk’umuntu ofuna ukukhulekelwa, akaye ngemuva.”—Umhl.]

<sup>299</sup> Manje yanini ngemuva bese nilandela nizungeze, niyabo. Bonke abakulemigqa manje, buyelani emuva ngqo bese nithatha indawo yenu, nilandele nizungeze ngqo *ngapho*, bese-ke nibuyela ngqo endaweni yenu futhi, ngokukhulu nje ukuhleleka okungenzeka.

<sup>300</sup> Angazi noma, bazalwane, ukuthi bekungangcono sehlele lapho na? Ngicabanga ukuthi lokho kungumbono omuhle. Manje, kungcono ngishiye lemayikrofoni lapha. Aku . . . Roy, wena yima lapha ngakumayikrofoni. Noma, yebo, kungcono

wehle nami, uyabo. Yebo. Noma, ngaphandle uma ufuna ukuma lapha. Kulungile, Roy, wena yima lapha-ke. Kulungile.

<sup>301</sup> Manje niyahamba. Manje ngifuna, akungasuki-muntu, ngiyacela. Niyabo, yona impela into ebisiyikhulekela!

<sup>302</sup> Manje wena uthi, “Mfowethu Branham, kungani wenyusele bonke lababefundisi lapha na?” Ngizoza nabo ngqo. Kodwa ngi . . .

<sup>303</sup> Niyabo, okuyikho, banalo kakhulu impela nje ilungelo lokukhulekela abagulayo njengoba nami nginalo, kumbe noma ngubani unalo, kakhulu impela nje njengo Oral Roberts noma—noma yikuphi ukubusa ezindabeni ezingcwele, akunandaba ukuthi ngubani. Banalo impela nje ilungelo lokukhulekela abagulayo njengoPetru, uJakobe, uJohane, uMathewu, uMarku, uLuka, noma yimuphi wabo bonke abanye ababenalo. Bangabefundisi, ababizwe nguNkulunkulu. Kwenzeka ngibone ababili noma abafowethu abathathu phakathi lapha engibaziyo, siqu sami, onenkonzu yokukhulekela abagulayo.

<sup>304</sup> Manje njengoba nishaya ulayini phezulu ngapha, ngifuna . . . Bangaki kulelibandla okholisisekile, ngayo yonke inhliziyu yakho, ukuthi uyakholwa ukuthi yintando kaNkulunkulu ukuphilisa labobantu. [Ibandla liyajabula futhi lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela, yikho. Impela, yintando kaNkulunkulu ukubaphilisa.

<sup>305</sup> Manje bakuthola kanjani ukuphiliswa na? Manje, ukuba Ubelapha, qobo lwaKhe, akukho okunye Abengakwenza kunalokho Asekwezile khona manje. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lokho nje Asekwenze manje, yilokho Abezokwenza, ngoba nguYena izolo, namuhla, naphakade.

<sup>306</sup> Bangaki owaziyo ukuthi uJohane oNgcwele 5:19 usho lokhu, “INdodana ingenze lutho ngokwaYo”? Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza.” Niyakukholwa lokho na? [“Amen.”] Manje-ke, uJesu akazange enze nesisodwa isimangaliso waze Waboniswa nguYise, ngombono, ukuthi akenzeni. Lelo yiZwi laKhe uQobo. Uma lokho kungenjalo, khona-ke sonke silahlekile, asazi ukuthi sikhuphi. Nakho lapho enikhona. Niyabo, amaZwi aKhe angangenakuphosisa.

<sup>307</sup> Mbukeni Ehamba edabula, ichibi laseBethesda, ihora elimbalwa . . . cishe ihora phambi kwalokho. Nakho kwakulele izixuku ezinkulu zezinyonga, izimpumpethe, abaxhugayo, abashwabeneyo. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisele na? Futhi Akazange athinte namunye wabo, nokho WayenguNkulunkulu wesihawu. Niyakholwa ukuthi Wayengonesihawu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Eshiya lowomama, enengane enekhanda elinamanzi; lowobabayi oyimpumpethe bandla, ebiza umuntu-mumbe, ukuba amfake

emanzini uma ezanyazanyiswa. UNkulunkulu wesihawu! Niyabo?

<sup>308</sup> Abantu abazi ukuthi yini isihawu. Baxubanisa uthando *ifilyo* nothando iAgapawo; wuthando olubili olwehlukene, ngakho konke. Isihawu yinto efanayo; izifiso, nesihawu, kwehlukile.

<sup>309</sup> Kodwa, bukani, Waya kumuntu mhlawumbe owayenenkathazo yendlala yesinye, noma mhlawumbe kwakuyisifo sofuba. Kwakuvimbela; wayesebe nakho i... kwa—kwase kube yiminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili esebe nakho. Kwakungezukululala. Futhi Waya kulowomuntu, Wayesethi, “Uyathanda ukusindiswa na?” Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisele na? Wayesebashiya bonke abanye bezithameli belele lapho.

<sup>310</sup> Ukuba Ubenze lokho eBeaumont, namhlanje na? “O, he! Akukho lutho ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, ke, niyabo.”

<sup>311</sup> Niyabo, abaqondi. UJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade. “Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise kuqala.”

<sup>312</sup> Kodwa abantu abanengi babelaliswa esithunzini saKhe nje, futhi waphiliswa ngokukholwa kwabo uqobo. Owesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe futhi wasindiswa. Bangaki okwaziyo lokho na? Ukuphilisa kwesekeleke phezu kokukholwa kwakho. Inkomba kaNkulunkulu isekeleke phezu kwesithembiso seZwi laKhe, kodwa ukukholwa kwakho enkombeni yaKhe yilokho okukuphilisayo. Uma ungakwenzi, akunandaba, indoda engcwele kunawo onke ezweni lonke ibingama lapha futhi ikhuleke usuku lonke gulukunqu, bekungenze nokukodwa okunci okuhle uze ukukholwe, ngokugcizelela, qobo lwakho. UJesu angahle ukuba umi lapha qobo lwaKhe, emzimbeni ongenwe, abeke izandla phezu kwakho, futhi noma kunjalo ubungeke uthole ukuphiliswa. Bangaki okwaziyo lokho na? “Imisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza ngenxa yokungakholwa kwabo.” Lowo ngumBhalo.

<sup>313</sup> Ngakho, niyabo, wena osemgqeni womkhuleko, kuzoba ngokukholwa kwakho eZwini. Manje uma ubona uNkulunkulu enza lokho Akwenzile... Bukani, ake nginikeze nje ubufakazi obubodwa obuncane nisalungiselela. Lalelisisani. Ebusukwini bakuthangi...

<sup>314</sup> Kunomfundisi omncane lapha ndawondawo. Ngimbone lapha, esikhashaneni esedlule. Igama lakhe bekunguMartin. Ngiyakhohlwa... Ungomunye wabaxhasi. Khona *lapha*.

<sup>315</sup> Ciske phakathi nobusuku, kusondela kubo, ukhona owangivusa ekamelweni lami. Umfo omncane ekhala, umfundisi omncane, ingane yakhe eyayisanda kushona. Izinyembezi zehla ebusweni bakhe.

<sup>316</sup> Uze wayothi ngqu phakathi ndawondawo e...Yini igama lalelodobhana abakhe kulo na? [Omunye uthi, "IMissouri."—Umhl.] IMissouri. Phezulu kuphi na? ["EWardell, eMissouri."] EWardell, eMissouri. Ngiyamazi umfana. Ngiyamazi umfowabo lapha, futhi. Bangabangane bami.

<sup>317</sup> Lomfowethu wahamba wangena lapho nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe, wathi, "Mfowethu Branham, ngisanda kubiza nje...Umkami usanda kungibiza nje. Inganyana yami ivele nje yayeka ukuphefumula." Wabeka izandla zakhe phezu kwami, wathi, "Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi iZwi leNkosi linawe." O, wayengakwenza kanjani uNkulunkulu... Njengokuthi nje, "Ngisho nakalokhu, Nkosi! Ukuba Ubukhona, umnewethu nga engafanga." Niyabo, wayengavumi kimi. Wayevuma iZwi leNkosi, niyabo, ukuthi ngangishumayela iQiniso. Wathi, "Ngikholwa ukuthi iZwi leNkosi linawe. Mcele nje; ingane yami izophila." Emizuzwini eyishumi kusukela ngaleyonkathi, ingane yakhe yayisiphefumula ngokwejwayelekile, isiphilile manje.

<sup>318</sup> Indodana yami imi lapha ndawondawo, uBilly Paul, ubephumile wayokhuluma naye. Futhi ngangilapho ngifake amaphijama ami. Futhi cishe imizuzu embalwa kamuva iyabuya, yathi, "Babayi, Babayi, awubheke lapha!" Nompimbo wayo uvuvukele wonke, futhi ubomvu, nomkhulukazi umvimbo obomvu, umvimbo obomvu othi awube mkhulu kangako ngapho. Wathi, "Ulwembu olukhulu olubukeka lumnyama lunebala elibomvu! Bengimi lapho, bengikhuluma noJohn, futhi lwangiluma lapho. Futhi buka lapho, sekuyavuvukala."

<sup>319</sup> Ngathi, "O, Billy, umfelokazi omnyama, mhlawumbe." Ngase ngithi, "Awubheke umpimbo wakho, ukuthi uvuvukele kanjani."

<sup>320</sup> Ngabeka isandla sami lapho, ngathi, "Nkosi Jesu," emizuzwini eyishumi kusukela ngaleyonkathi kwakungasekho ngisho...wawungeke usho ngisho nokuthi indawana yayike yaba lapho. Niyabo? Kuyini na? Niyabo?

<sup>321</sup> Omunye uyangena, ngoluny'usuku, wayesethi, eofisi. Nomunye wama eofisi uyaphuma. Wayesethi, "Tshela uMfowethu Branham ukuba nje athi umntanami..." Wathi, "Ngikholwa ukuthi uma...obungakusho." Kodwa, niyabo, ngeke ngakusho Aze angitshele.

<sup>322</sup> Kodwa lapha ngineZwi elisho lokhu, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Manje, uNkulunkulu angezenze lezozinto bese ekushiya ume lapho. Ufanele. Kholwa yinto efanayo, izokwenzeka kuwe. Kodwa ufanele uyikholwe, hhayi nje ukuyikhohlisa. Ufanele ukukholwe.

Manje asikhuleke, kuqala, kanyekanye.

<sup>323</sup> Ngifuna ngamunye wenu nonke... abazalwane besami lapha kulemayikrofoni. Ngehlela lapho ukuze ngibeke izandla zami phezu kwabo, futhi. Bangabantu bami, bangabami... Bayizinkanyezi emqheleni wami, ngokufanayo njengoba benjalo emqheleni wenu, abafowethu abangabefundisi. Ngiza lapho ngoba siyabathanda, futhi bangabantwana baNkulunkulu. Sizela ukuzobasiza.

Asikhuleke manje.

<sup>324</sup> Nkosi Jesu, umuntu obengathi uBukhona baKho abukho lapha, ubengaba... bekungaba into ethize engalungile ngokwengqondo. Njengomuntu nje obengala ukwemukela ukukhanya kwelanga; othile amtshela ukuthi ilanga liyakhanya, uyogijimela phansi ekamelweni elingaphansi futhi avale umnyango, bese ethi, “Ngiyala nje ukukukholwa! Ngiyala ukukukholwa!” Awu, singazi, Nkosi, ukuthi ikhona into ethize ngokwengqondo ebingalungile ngalowomuntu. Futhi wenzenjalo nomuntu oyovala izibilini zakhe zesihawu, ekuKhanyeni kweZwi likaJesu Kristu kubonakaliswa, ubeyothi, “AngiKukholwa,” ikhona into engalungile endodeni ngokomoya.

<sup>325</sup> Ngakho siyazi ukuthi Wena ulapha, Baba. Ngaphandle kokungabaza, siyakukholwa. Sibona amanyathelo aKho—aKho. Sibona omaka baKho. Sibona iZwi laKho.

<sup>326</sup> Kunamakhulu amileyo lapha kulomugqa womkhuleko. Nendoda ekahle kaNkulunkulu imi lapha, amaqhawe amakhulu okuKholwa; ngiyehla ukuyofaka ihlombe lami nelawo, Nkosi. Nxa lababantu abagulayo bedlula kulomugqa womkhuleko, kwangathi ngamunye wabo angazi ukuthi lokho akusikho nje ukwedlula ngakomunye’umuntu. Beza phansi kwesiPhambano sesithembiso. Kwangathi bangamuka lapha sebephilisiwe, bamuke sebejabula, basinde; batshele umelusi wabo. Kwangathi lokho kungabangela invuselelo eyifeshini endala ukuba ithi chithi’saka, phansi ukuzungeza leli amazwe, Nkosi, ilethe imiphefumulo eminingi kuWe. Nkosi, bangabaKho. Basize. Baphilise, ngiyakhuleka, eGameni likaJesu Kristu.

Ngifuna wonk’umuntu manje amakhanda enu ekhotheme, nikhuleka.

<sup>327</sup> Futhi ngifuna, njengoba ni... Lalelani, umugqa womkhuleko manje. Uma nedlula, njengokungathi nje ubuphansi kwesiPhambano, kholwa ngayo yonke into ekuwe. Mukani lapha nithokoza, nijabule, niithi, “NgiyaKubonga, Nkosi. Ngiyakukholwa ukuphiliswa kwami.” Futhi uma ungakukholwa lokho, khona-ke ubungavele nje uhlale phansi, ngoba ngeke kwenze nokukodwa okuncu okuhle.

<sup>328</sup> Ngifuna lonke ibandla, wonk’umuntu, ukuba nje atheleke enyukele eZulwini, kanjalo, eBukhoneni bukaKristu, “Nkosi

Jesu, zazise Wena uqobo kithi manje! Philisa laba abagulayo!" Nizokwenza na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Mfowethu Borders, nisacula, *Kholwa Kuphela*.

<sup>329</sup> Kushiyе lokho lapha. Asikudingi. [Umfowethu ubuza mayelana nemayikrofoni, "Uzoyishiya lapha na?"—Umhl.] Ya.

<sup>330</sup> [UMfowethu Branham nabefundisi bayehla manje futhi bakhulekela wonk'umuntu oza emgqeni womkhuleko, ngenkathi uMfowethu Roy Borders ehola ibandla ekuculeni elithi *Kholwa Kuphela*. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]


<sup>331</sup> Kholwa kuphela! Asiphakamise izandla zethu manje.

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

Manje asilisho kanje:

Manje ng'yakholwa, o, manje ng'yakholwa,  
Konke kuyenzeka, manje ngiyakholwa,  
Manje ng'yakholwa, o, manje ng'yakholwa,  
Konke kuyenzeka, o, manje ng'yakholwa.

<sup>332</sup> Size sibonane futhi, ngifuna ukushiya iTexas ngibabona bememeza izindumiso zikaNkulunkulu. Asiphakamise izandla zethu nje futhi sinike uNkulunkulu udumo, sonke. [Ibandla ngokujabula liyamemeza futhi lidumisa uNkulunkulu—Umhl.]

<sup>333</sup> Nkosi Jesu, siyaKubonga ngeZwi laKho, Osenzele khona. NgiyaKubonga, ngokwazi ukukhuluma kulababantu abakahle, nokubona amandla aKho nezibusiso phezu kwabo. Babusise, Nkosi. Kwangathi bangaqonda. Futhi kwangathi uMoya oNgewele ungaphilisa bonke futhi usindise bonke, ngalolu izinsuku zokugcina. NgeGama likaJesu Kristu, Nkosi, ngibethula kuWe kube yimpahla yoMlobokazi, ngokuba bayakholwa ngomusa kaNkulunkulu. 

*UKUTHONYA ZUL64-0315*  
(Influence)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ntambama ngo Mashi 15, 1964, eMunicipal Auditorium eBeaumont, eTexas, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)